‘Incwadi *Izindaba Ezinhle Zentokozo Enkulu* isembulela ngendlela entsha inkazimulo yomgubho wosuku lukaKhsimusi. Akuchazeki ukukhululeka okukhulu kwabantu abamatasa ukuthi sikwazi ukuhlala phansi, sithathe imizuzu eyishumi, usuku nosuku, sidlinze ngokufika koMsindisi wethu uJesu emhlabeni – siphumule, sithokoze, sivuseleleke!’

**Ray Ortlund**, uMfundisi wabeFundisi, weBandla i-Immanuel Church - eNashville, eTennessee

‘Iyiphi indlela ebesingezwa ngayo ukufika kweNkosi ibuye futhi ibe wusizo emiphefumulweni yethu ngemva komhlaka 25 kuZibandlela na? Ngokubheka nokuthokozela inkazimulo kaNkulunkulu evela kuKristu othabathe inyama, uMsindisi wenu, iNkosi yenu, umfowenu, umngani wenu. Incwadi kaMfundisi uJohn Piper enesihloko esithi *Izindaba Ezinhle Zentokozo Enkulu* isifaka ohambweni lwezindaba ezinhle zosuku lukaKhisimusi, ikumeme ukuthi uhambe naye unokumangala okukhulu, ukwesaba, kanye nentokozo edlula obungayithola eholidini. Lencwadi imayelana nentokozo engapheliyo, futhi uPiper uzokukhomba yona, kuye, uJesu Kristu.’

**J.A. Meddlers**, umbhali, *Humble Calvinism*, uMfundisi, eRisen Church - Houston, Texas

‘Lemibhalo yokufika kweNkosi emhlabeni ebhalwe nguMfundisi uJohn Piper ingaba mifushane, kodwa uzothola kuyo umcebo nenjula-mqondo, okuyinto adume ngayo uPiper. Ngomoya ogcwele intobeko nokwehla, usibamba ngesandla asifake ngaphakathi endaweni lapho okwathatshathwa kuyo inyama. Lapho sima ekhanda lomthombo weNdodana ezalelwe thina eBetlehema, lokho kusenza sikulungele ukukhongozela izikhukhula zothando lonesimo sowalinyazelwa eKhalvari. Uma ufuna ukunothisa isikhathi sakho sikaKhisimusi ngokwezikamoya, sinonge ngemicabango equkethwe yilencwadi.’

**Conrad Mbewe**, uMfundisi, eKabwata Baptist Church, eLusaka - eZambia

‘Leli ibhokisi lengcebo eliqukethe amaqiniso ngoJesu! Kulemibhalo eyimikhuleko emifushane negcwele ubuhlungu, uMfundisi uJohn Piper uphakamisa amehlo ethu ukuze sonke isikhathi sibone uKhisimusi ngendlela okufanele siwubone ngayo, izindaba ezinhle zentokozo enkulu yami nawe. Lencwadi iyisimemo sokwazi iNdodana ethabathile inyama, ithunyiwe nguYise, ngamandla kaMoya.’

**Abigail Dodds,** umbhali wencwadi enesihloko esithi, (*A) Typical Woman: Free, Whole, and Called in Christ*

*Izindaba Ezinhle Zentokozo Enkulu*

**Ezinye izincwadi ezabhalwa nguJohn Piper**

*Battling Unbelief*
*Bloodlines*
*Brothers, We Are Not Professionals*
*Coronavirus and Christ*
*The Dangerous Duty of Delight*
*Desiring God*
*Does God Desire All to Be Saved?*
*Don't Waste Your Life*
*Expository Exultation*
*Fifty Reasons Why Jesus Came to Die*
*Finally Alive Five Points*
*Future Grace*
*God Is the Gospel*
*God's Passion for His Glory*
*A Godward Heart*
*A Godward Life*
*A Hunger for God*
*Lessons from a Hospital Bed*
*Let the Nations Be Glad!*
*A Peculiar Glory*
*The Pleasures of God*
*Providence*
*Reading the Bible Supernaturally*
*Seeing and Savoring Jesus Christ*
*Spectacular Sins*
*A Sweet and Bitter Providence*
*Taste and See*
*Think*
*This Momentary Marriage*
*What Jesus Demands from the World*
*When I Don't Desire God*
*Why I Love the Apostle Paul*

# Izindaba Ezinhle Zentokozo Enkulu

*Imikhuleko emifushane engu-25 elungiselela usuku lokufika kweNkosi*

John Piper

imprint
LEAVING A HEALTHY MARK ON THE CHURCH IN AFRICA

Izindaba Ezinhle Zentokozo Enkulu: Imikhuleko emifushane engu-25 elungiselela usuku lokufika kweNkosi

Copyright © 2021 by Desiring God Foundation

Wonke amagunya agodliwe. Ayikho ingxenye yalo-msebenzi okufanele ikhiqizwe kabusha noma isetshenziswe nganoma iyiphi enye indlela ngaphandle kokutholakala kwemvume yabashicileli. Crossway iwuphawu lokuhweba olusemthethweni eMelika.

Ikhava yenziwe ngu: Jordan Singer

Yaphrintwa okokuqala ngo 2021
Yaphrintwa eChina

ISBN: 978-0-620-97420-2

Published by Imprint
www.imprinton.org

# Okuqukethwe


| | | |
|---|---|---|
| | Isandulelo | 9 |
| | Isingeniso: Yini Efunwa nguJesu kuloKhisimusi? | 17 |
| *Usuku 1* | Lungisani Indlela (NgokukaLuka 1:16-17) | 25 |
| *Usuku 2* | UNkulunkulu KaMariya Obabazekayo (NgokukaLuka 1:46-55) | 31 |
| *Usuku 3* | Ukuvakashelwa Obesekulindwe Isikhathi Eside (NgokukaLuka 1:68-71) | 35 |
| *Usuku 4* | Ngenxa Yabantu Abancinyane BakaNkulunkulu (NgokukaLuka 2:1-5) | 39 |
| *Usuku 5* | Akukho Ukuchezuka EKhalvari (NgokukaLuka 2:6-7) | 45 |
| *Usuku 6* | Ukuthula Kulabo UNkulunkulu Athokozile Ngabo (NgokukaLuka 2:12-14) | 51 |
| *Usuku 7* | UMesiya Wezazi (NgokukaMathewu 2:1-2) | 57 |
| *Usuku 8* | Inkanyezi YaseBetlehema Enamandla Okungesiwona Awasezweni (NgokukaMathewu 2:2) | 61 |
| *Usuku 9* | Izindlela ezimbili zokumelana noJesu (NgokukaMathewu 2:3) | 67 |
| *Usuku 10* | Igolide, Amakha Nenhlaka (NgokukaMathewu 2:10-11) | 73 |
| *Usuku 11* | Kungani UJesu Eza Emhlabeni (KumaHeberu 2:14-15) | 79 |

*Usuku 12* Okungena Esikhundleni Salokho Obekuyizithunzi (KumaHeberu 8:1-2) 87
*Usuku 13* Selikhona Iqiniso Lokugcina (KumaHeberu 8:1-2, 5) 91
*Usuku 14* Ukwenza Kube Okweqiniso Kubantu Bakhe (KumaHeberu 8:6) 95
*Usuku 15* Ukuphila Nokufa NgoKhisimusi (NgokukaJohane 10:10) 101
*Usuku 16* Ukubuyela Emuva KukaNkulunkulu Okuyimpumelelo (KwabaseFiliphi 2:9-11) 107
*Usuku 17* Insindiso Enkulu Obewungayicabanga (Jeremiya 31:31) 113
*Usuku18* UKhisimusi Isibonelo Somsebenzi Wokuhambisa Ivangeli (NgokukaJohane 17:18) 119
*Usuku 19* UKhisimusi Owenkululeko (KumaHeberu 2:14-15) 125
*Usuku 20* Ubumbano LukaKhisimusi (1 ekaJohane 3:8) 131
*Usuku 21* Ukuzalwa Komdala Wezinsuku (NgokukaJohane 18:37) 137
*Usuku 22* Ukuze Nikholwe (NgokukaJohane 20:30-31) 143
*Usuku 23* Isipho Esingachazeki SikaNkulunkulu (KwabaseRoma 5:10-11) 149
*Usuku 24* Izinhloso Ezimbili ZikaKhisimusi (1 ekaJohane 3:7-8) 155
*Usuku 25* Izipho Ezintathu ZikaKhisimusi (1 ekaJohane 2:1-2; 3:7-8) 161
Isiphetho: Incwadi engiyikhonzile ekhuluma ngoKhisimusi 169
Isithasiselo: Amathunzi abonakala eTestamenteni eliDala nokuza kukaKristu 177

# Isandulelo

Uma sikhuluma ngokufika kweNkosi sisuke sikhuluma ngokukhonza uJesu. Lokho singasho ukuthi kuyindlela esicabanga ngayo thina kwaDesiring God uma sikhuluma ngokufika kweNkosi. Ukuza kweNkosi kuyisikhathi esiba khona minyaka yonke lapho esisuke silinde khona ngesineke, ngethemba eliqinisekileyo, ngokuzihlola isimo semiphefumulo yethu, nokugqolozela amakhalenda okuyinto eyenzeka emaBandleni amaningi, emindenini nakubazalwane abangabalandeli bakaJesu. Awukho umyalelo oseBhayibhelini ofundisa iBandla ukuthi bagcine lezi-zinsuku zokulindela ukuza kweNkosi. Lugcinwa othandayo ukukwenza lokho. Futhi kuyisiko elaqala eBandleni ngesikhathi sasemandulo, lapho abakholwayo balisebenzisa njengesikhathi sokulungiselela usuku lukaKhisimusi. Iningi lethu elisawugcina lomkhuba lokho likuthola kuyisikhathi sokuzifuna nesinenselelo

enkulu emoyeni wethu, isikhathi esithokozisayo kakhulu nesiyinzuzo kithi.

Ngokolimi lwesiLathini, ukukhuluma *ngosuku lokufika kweNkosi* kusetshenziswa igama lithi '*adventus',* igama elichaza 'ukufika.' Ngokujwayelekile, isikhathi sokufika esisuke sibhekiwe kusuke kuyinyanga kaZibandlela, isikhathi esesedlule nokuyilapho iNkosi uJesu eyafika khona okokuqala emhlabeni, esikhathini esingaphezulu kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedlule. Kepha futhi kusuke kukhulunywa nangokufika kwakhe okusalindelwe, ukufika kwakhe okungokwesibili, okuyinto elindelwe ukuthi isazokwenzeka esikhathini esizayo, njengoba lokho kufika kwakhe kwesibili kufakazelwa ngokusobala nayiculo eliculwa njalo uma sekusondele uKhisimusi, iculo elinesihloko esithi 'Intokozo emhlabeni':

Ningabe nisavuma kukhule izono nokukhathazeka,
Nameva angabe esaphihlika emhlabathini;
Uzile ukuzochichimisa izibusiso Zakhe
Zingatholakali iziqalekiso eduze.[1]

1 Isaac Watts, 'Joy to the World,' 1719.

Imibungazo yokugubha usuku lokufika kweNkosi iqala emaSontweni amane ngaphambi kosuku lukaKhisimusi, ize iphele ngalo usuku loKhisimusi. Lokho kusho ukuthi usuku engaqala ngalo ilawulwa ukuthi linini iSonto lokugcina enyangeni kaLwezi. Kepha kuvamise ukuthi kube sekupheleni kwayo lenyanga, lapho ngabozi-27. Kepha akuvamile ukuthi kuze kweqe umhlaka 3 kuZibandlela. Kanti isikhathi semigubho elungiselela iPhasika, ebizwa ngeLenti, ivamise ukuba ibe yizinsuku ezingamashumi amane, ihambisana nezinsuku zangelanga langeSonto eziyisithupha, kuthi imigubho yokulungiselela ukufika kweNkosi yona ivamise ukuba ibe yizinsuku ezibalelwa kwezingamashumi amabili nambili, kuya kwezingamashumi amabili nesishiyagalolunye.

AmaKristu emhlabeni wonke anezindlela nemikhuba yawo engefani ayenzayo ukugubha isikhathi sokufika kweNkosi. Abanye bakhanyisa amakhandlela. Abanye kunamaculo abawacula ngalesi sikhathi kuphela. Abanye badla amaswidi. Abanye baphisana ngezipho. Abanye bakhangise ngezimbali. Iningi lethu kungenzeka ukuthi akukho elingakwenzi kulokhu okungenhla. Eminyakeni engamakhulu-khulu eyedlule, ziningi izindlela ezinhle esazisungula ezenza ukujabulela lolusuku lunwebeke kuze

kwedlula emahoreni angamashumi amabili-nane avamise ukuchithwa ngomhlaka 25 kuZibandlela. Iqinisile inkolo yakudala uma ithi ukuthabatha inyama kweNdodana kaNkulunkulu, '*ngenxa yethu nangenxa yokusindiswa kwethu*,' kubaluleke ngangokuthi bekungafanele seneliseke ukuluthokozela usuku lube lunye kuphela. Impela, kuyinto esizoyigubha singaphezi, phakade naphakade.

Sikhulekela ukuthi lencwadi ikusize uJesu kuhlale kunguye obalulekile, oyingcebo nesisekelo sokugubha kwakho usuku lokufika kwakhe. Amakhandlela nezibiliboco kunendawo yako. Kepha esifuna ukukuqinisekisa ukuthi kukho konke ukuphithizela okwenzeka ngoZibandlela kube nguJesu odunyiswa ngaphezu kwakho konke okunye.

Ingoma ethi '*Wozani simdumise*'[2] ingacishe kube iyona engenziwa ibe yisihloko salemibhalo ekhuluma ngokubuya kweNkosi. Yonke lemidlinzo imayelana nokudumisa uKristu, iNkosi. Ezindaweni ezithize uzokuzwa imicu ethi '*Woza, Woza, Emanuweli*', kwenye indawo, kweminye uzwe ethi '*Lalela! Memezelani*

2 John Francis Wade, "O Come, All Ye Faithful," 1751.

*Zingelosi, Nicule*.'[3] Kuliqiniso futhi nokuthi sizobona neqhaza eliqavile elizodlalwa yizazi. Kepha okunguyena kungumuntu omqoka nobalulekile kukho konke nguJesu – usana oluzalelwe eBetlehema, uNkulunkulu ongumuntu lapho egqokiswe izingubo, ebekwe emkhombeni, ephikelele eKhalvari, ethunywe nguYise ukuyofa khona, aphinde avuke ngenxa yabantu bakhe.

Amazwi esingeniso enzelwe ukuthi afundwe ngaphambi kokufika kwesikhathi sokufika kweNkosi (nanoma ngasiphi esinye isikhathi). Kanti isiphetho sona singafundwa njengokwengeziwe kosuku lukaKhisimusi ikakhulukazi uma ufisa ukwazi ukuthi iliphi ivesi (nanoma futhi ngasiphi esinye isikhathi esingaphambili, ikakhulukazi uma unesifiso sokwazi ukuthi yiziphi izincwadi zikaKhisimuzi eziyintandokazi kaMfundisi uPiper). Isithasiselo siveza lokho okubikezelwa yiTestamente eliDala njengezithunzi zokufika kweNkosi, kanti futhi siyahambisana nezinye izifundo ongadlinza ngazo izinsuku eziyishumi-nambili [ezinamanothi afakwe kubakaki]. Kwangathi bekungaba yinto enhle kuNkulunkulu ukujulisa nokwenza kubemnandi ukuthandisisa kwakho

3 John Mason Neale, trans., "O Come, O Come, Emmanuel," 1861; Charles Wesley, "Hark! The Herald Angels Sing," 1739.

uKristu kulezi zinsuku esilinde ngazo ukufika kwakhe.

**David Mathis**
*Umhleli Omkhulu*
*e-Disiring God*



*Isingeniso*

*'Baba, ngithanda ukuba labo ongiphe bona*
*nabo babe khona nami lapha ngikhona,*
*ukuze babone inkazimulo yami ongiphe yona;*
*ngokuba wangithanda, kungakasekelwa izwe.'*

*NGOKUKAJOHANE 17:24*

ISINGENISO

# Yini Efunwa nguJesu kuloKhisimusi?

Yini efunwa nguJesu kuloKhisimusi? Impendulo yalombuzo iyavela emikhulekweni yakhe. Kungabe ucelani kuNkulunkulu uma ekhuleka na? Umkhuleko omude kunayo yonke imikhuleko yakhe yilona oqoshwe encwadini kaJohane 17. Uvuthondaba lwesicelo sakhe lukuvesi 24.

Phakathi kwazo zonke izoni ezisemhlabeni nezingafanelwe yilutho oluvela kuNkulunkulu, kepha siyafunda ukuthi kunalezo uNkulunkulu 'az***iphe*** uJesu. Okukhulunywa ngabo lapha yilabo uNkulunkulu abadonsile, wabadonsela eNdodaneni yakhe uJesu (Johane 6:44, 65). Laba ngabantu abang*amaKristu* - abame*mukelile* uJesu njengoMsindisi kanye neNkosi eyabethelwa, oyiGugu ezimpilweni zabo (Johane 1:12; 3:17; 6:35; 10:11, isahluko 17–18; 20:28). Yilabo-ke uJesu athi ufuna ukuthi babe naye.

Kwesinye isikhathi sike sizwe abantu bethi isizathu esenza ukuthi uNkulunkulu adale abantu ngukuthi wayenesizungu. Ubezwa bethi, 'uNkulunkulu wasidala ukuze *sibe naye*.' Kungabe uJesu uyavumelana yini nalowomqondo na? Kuliqiniso lokho, yena *uyasho* ukuthi uyadinga ngempela ukuthi sibe naye! Yebo, kodwa umbuzo ovukayo ngowokuthi kungani? Bukisisa kahle konke okunye okungasekugcineni kuka-vesi 24. Kungani efuna sibe kanye naye?

*…ukuze babone inkazimulo yami ongiphe yona [wena Baba] ngenxa yokuthi wawungithandile ngaphambi kokusekelwa komhlaba.*

Lawa akusiwona amazwi angashiwo umuntu onesizungu. 'Ngithanda ukuba babe khona nami lapho ngikhona, ukuze babone inkazimulo yami.' Eqinisweni, lamazwi awakhulumi ngomuntu onesizungu. Kepha aveza ukusikhathalela ngenxa yokumlangazelela kwethu, ukuze leso silokozane *esinaso* sokumlangazelela seneliseke. Ayikho nencane into ekhuluma ngesizungu *anaso*.

UJesu akanaso isizungu. Yena noYise kanye noMoya oNgcwele baneliseke ngokuphelele enhlanganyelweni

yobuThathu bukaNkulunkulu. Ithina, esilangazelele okuthile, akusiyena. UJesu akudingayo ngosuku loKhisimusi ukuthi sizwe lokhu esadalelwa kona, ukuthi sibone, futhi sinambithe inkazimulo yakhe.

Kwangathi uNkulunkulu angalenza leliqiniso ligxile emiphefumulweni yethu! UJesu wasidala [Johane 1:3] ukuze sibone inkazimulo yakhe.

Ngaphambi kokuthi aye esiphambanweni, uJesu uyabeka phambi kukaYise ngomkhuleko lokho okuyisifiso esijulile enhlizweni yakhe, uthi: 'Baba, ***ngithanda*** [ngiyathanda]… ukuba bona… babe nami lapho ngikhona, ukuze ***babone inkazimulo yami***.'

Kepha loku kuyisigatshana nje salokho uJesu akufunayo kulamavesi okugcina nawuvuthondaba lomthandazo wakhe. Ngisanda kusho ukuthi esadalelwa kona ukubona nokunambithisisa inkazimulo yakhe. Ingabe yilokho kuphela yini okufunwa nguJesu kulomkhuleko — ukuthi sibone inkazimulo yakhe bese siyayijabulela, siyazise, siyithande, ibe yingcebo kithi, kube sekuphelile-ke njalo? Ake ubheke ivesi lokugcina, uvesi 26:

***'Ngibazisile igama lakho, ngizakubazisa lona ukuba uthando ongithande ngalo lube kubo, nami ngibe kubo.'***

Yilapho-ke umkhuleko weNkosi uphelela khona.

Sibuza umbuzo-ke wokuthi iyini inhloso yokugcina kaJesu ngathi na? Akukhona nje ukuthi sigcine ngokubona inkazimulo yakhe, kodwa ngukuthi nathi simthande ngothando olufanayo nalolo uYise amthande ngalo: '***ukuba uthando ongithande ngalo*** [wena Baba] ***lube kubo.'***

Okulangazelelwe nguJesu ngukuthi siyibone inkazimulo yakhe, bese sikuthanda esikubonayo [okuyinkazimulo yakhe] ngothando olufanayo nalolo uBaba athande ngalo iNdodana. Akasho ukuthi *asilingise* uthando uYise analo ngeNdodana. Akushoyo ngukuthi uthando lukaYise ngeNdodana kube wuthando lwethu ngeNdodana - sithande iNdodana ngothando uYise athanda ngalo iNdodana. Yilokhu uMoya asipha kona, sibe yikho ezimpilweni zethu: ukuthanda iNdodana ngothando lukaYise, ngamandla kaMoya.

Okulangazelelwe nguJesu ngenhliziyo yakhe yonke ngosuku lukaKhisimusi ngukuthi abakhethiweyo bakhe babuthelwe ndawonye bese bethola lokho abakulangazelele phezu kwezinto zonke - ukubona inkazimulo yakhe bese beyinambitha ngokunambitheka okukhulu okufana nokukaYise ethokozela iNdodana.

Engikufisayo nami kakhulu kuloKhisimusi wanonyaka ukuhlanganyela nawe (kanye nabanye abaningi) ekuboneni

uKristu njengokuphelela kwakhe, nokuthi sonke ngokuhlanganyela sikwazi ukuthanda lokho esikubonayo ngothando olungachazeki, olwedlula amandla onke, kanye nakuba izinhliziyo zethu zingaphelele ekunakeni okukaNkulunkulu. Yiko kanye lokho okuyinjongo yethu nesikugqugquzela ngako njengoba silindile ukufika kwakhe. Sifuna ukuthi, ngokuhlanganyela, sibone, sinambithe lo-Jesu esisagubha ukufika (ukuza) kwakhe kokuqala, nesisalindele futhi nokufika kwakhe kwesibili.

Yilokho uJesu asithandazela khona kuloKhisimusi: 'Baba, babonise inkazimulo yami ubanikeze nentokozo ekimi, futhi onayo ngami.' Kwangathi *besingabona* uKristu ngamehlo kaNkulunkulu, *simnambithe* uKristu ngenhliziyo kaNkulunkulu. Yilokho okungummongo wasezulwini. Yileso isipho uKristu afikela ukuzosizuzela izoni ngokuthi afe endaweni yazo.


Usuku Lokuqala

*'Abaningi kubantwana bakwa-Israyeli uyakubaphendulela eNkosini uNkulunkulu wabo. Uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni ka-Eliya ukuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nabangalaleliyo ekuqondeni kwabalungileyo, ukulungisela iNkosi isizwe esilungiselweyo.'*

*NGOKUKA-LUKA 1:16-17*

USUKU LOKUQALA

# Lungisani Indlela

Lokho uJohane umBhabhadisi akwenza ekwenzela abesizwe sakwa-Israyeli, nathi singakwenzelwa ngukufika kukaJesu. Ungavumi ukuthi usuku lukaKhisimusi lukufice ungazilungiselele. Ngisho ukuzilungiselela oku*ngokukamoya*. Ukulungiselela lolusuku ngokufanele kuyoletha intokozo enkulu, kube nomthelela omangalisayo!

Ukuze-ke *uzilungiselele* lolusuku ngokufanele, nazi izinto ezine okumele uzenze...

Okokuqala, zindla ngeqiniso elithi siyamdinga *uMsindisi*. UKhisimusi ungamasamanisi (incwadi ekhishwa yinkantolo, uma ikwethwesa icala) ngaphambi kokuba ube yizindaba eziletha intokozo. '***…nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide***' (Luka 2:11). Uma ungamdingi uMsindisi, ngokunjalo

awuwudingi noKhisimusi. UKhisimusi awuzukuba nawo umthelela okufanele ube nawo uma singasiboni isidingo esiphuthumayo sokuthi afike uMsindisi. Vuma ukuthi lemicabango emifushane nesamikhuleko ivuselele kuwe imizwa yenjabulo nobuhlungu yokuthi siyamdinga uMsindisi.

Okwesibili, zihlolisise ngokweqiniso, hhayi ngokuzikhohlisa. Imigubho yokulungiselela ukufika kukaJesu okokuqala iyilokho i-Lenti eyikho uma kulungiselelwa imigubho yokufa kukaJesu, ebizwa ngePhasika. '***Ngihole, Nkulunkulu, wazi inhliziyo yami; ngilinge, wazi imicabango yami, ubone, uma kukhona indlela yosizi kimi, ungiholele endleleni yaphakade***' (AmaHubo 139: 23-24). Zonke izinhliziyo *mazimulungisele igumbi*…ngokuhlanza indlu.

Okwesithathu, yenza ukuthi ikhaya lakho ligcwale isasasa nentokozo kaKhisimusi egxile kuNkulunkulu. Kwenze lokho, ikakhulukazi, ukwenzele abantwana bakho. Uma ugcwele intokozo ngokuthi uKhisimusi usho ukuza kukaJesu okokuqala emhlabeni, nabo futhi ngokunjalo bazoluthokozela kanjalo usuku lukaKhisimusi. Uma wejwayele ukwenza uKhisimusi ube mnandi ngenxa yezinto eziphathekayo kuphela, njengokuthi abantwana

bazothengelwa izingubo ezintsha zikaKhisimusi, bazokumlangazelela, bamomele kanjani uNkulunkulu? Shintsha ukucabanga kwakho, ukwenze kube yisimanga nento abayilangezelelayo abantwana bakho ukufika kweNkosi.

Okwesine, gxila emiBhalweni, ufunde ngekhanda amavesi amqoka afana naleli elikuJeremiya 23:29: '***Izwi lami alinjengomlilo yini, usho uJehova***...?' (Jer. 23:29)! Yethamelani ilanga, nibhukude kamnandi kulonyaka esithokozela ngawo ukufika kweNkosi. Lokhu kufika kufana nemisebe yelanga eqhakazile ngemibala namagagasi omusa. Lokhu kufika kuyaphilisa kwabayizinkulungwane abephukile emoyeni. Kuyisibani ebumnyameni bobusuku.



*Usuku Lwesibili*

*Wayesethi uMariya:*
*'Umphefumulo wami uyayitusa Nkosi,*
*nomoya wami uyathokoza kuNkulunkulu, uMsindisi wami,*
*ngokuba ubhekile ubuphansi bencekukazi yakhe.*
*Bheka, kusukela manje izizukulwane zonke ziyakuthi*
*ngibusisiwe.*
*Ngokuba uSomandla ungenzele*
*izinto ezinkulu:*
*igama lakhe lingcwele.*
*Isihawu sakhe sikuzo izizukulwane*
*ngezizukulwane kubo abamesabayo.*
*Wenzile amandla ngengalo yakhe;*
*uchithile abazidlayo ekuzidleni kwenhliziyo yabo.*
*Uwisile amakhosi ezihlalweni,*
*uphakamisile abantukazana.*
*Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle,*
*abacebileyo ubamukise ze.*
*Uyisizile inceku yakhe u-Israyeli,*
*ukuze akhumbule isihawu,*
*njengalokho akusho kokhokho bethu ku-Abrahama nenzalo*
*yakhe kuze kube phakade.'*

*NGOKUKALUKA 1:46-55*

USUKU LWESIBILI

# UNkulunkulu KaMariya Obabazekayo

UMariya ubona ngokucacileyo into ebalulekile ngoNkulunkulu: ukuthi sesisemnyango isikhathi azoguqula ngaso lonke uhambo lwezimpilo zabantu; okuyinto ezokwenzeka esikhathini esingange-minyaka engamashumi amathathu, iminyaka ezokuba ngeqavile kunayo yonke eminye iminyaka eseyake yaba khona.

Ukuphi uNkulunkulu? Umatasa nabesifazane ababili abangagqamile, abazithobile — oyedwa mdala futhi akanabo abantwana (u-Elisabethe loyo,) omunye usemusha uyintombi nto (uMariya loyo). Sibona uMariya kumnyakazisile kakhulu ukubona umbono kaNkulunkulu, uNkulunkulu ongumthandi wabathobekileyo. Ngenxa yalokho, simuzwa edazuluka ngehubo – ihubo elagcina selifana nalelo elishiwo njalo emaBandleni asebenzisa

izinqubo zemibhedesho[1].

NgokukaLuka, uveza uMariya no-Elisabethe njengamaqhawekazi amangalisayo encwadini yakhe. Uyaluthanda ukholo lwalabantu ababili besifazane. Okufike kumhlabe umxhwele kakhulu ngabo, ubuphansi nentobeko ekhonjiswa ngu-Elisabethe noMariya, ngesikhathi bezithoba phansi kuNkulunkulu wabo omangalisayo. Lokhu kubonakala kuyinto afisa ihlabe nabanye umxhwele, ikakhulukazi uTheyofilu okunguyena ambhalele lencwadi.

Uthi u-Elisabethe, '***Ngehlelwe kanjani yilokhu ukuba unina weNkosi yami ahambele kimi na?***' (Luka 1:43) UMariya yena athi, '***ngokuba ubhekile ubuphansi bencekukazi yakhe***' (Luka 1:48).

Abantu abangakwazi ukutusa iNkosi ngokuqinisekileyo ngabantu abanjengo-Elisabethe noMariya, abantu abakwaziyo ukubona ubuphansi babo bese bayakhungatheka bebona ukuzehlisa okungaka kuNkulunkulu wabo omangalisayo.

---

1 Ihubo elinjalo libizwa ngokuthi yi '*Magnificat*' ikakhulukazi emaBandleni asebenzisa imikhuleko elandela inqubo evamise ukubizwa ngemibhedesho.

*Usuku Lwesithathu*

*Mayibongwe iNkosi,*
*uNkulunkulu ka-Israyeli,*
*ngokuba ibahambele abantu bayo,*
*yabenzela inkululeko.*
*Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo,*
*njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo,*
*insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo.*

*NGOKUKALUKA 1:68-71*

USUKU LWESITHATHU

# Ukuvakashelwa Obesekulindwe Isikhathi Eside

Ake uqaphele nazi izinto ezimbili ezimqoka ngamazwi ashiwo nguZakariya, umyeni ka-Elisabethe, encwadini ngokukaLuka 1:68-71.

Eyokuqala, ezinyangeni eziyisishiyagalolunye ezedlule, uZakariya wayeselilahlile ithemba, engakholwa ukuthi umkakhe usayophinde amthole umntwana. Kepha manje, emveni kokuba esegcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, usenalo ithemba eliphelele lokuthi uNkulunkulu uzowufeza umsebenzi wakhe ngokuza kukaMesiya, ukuzohlenga isintu. Indlela asenethemba ngayo uze asebenzise amagama akhomba inkathi edlule, okungathi iNkosi seyibahambele vele: '***…ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko.***' Lokhu kungenxa yokuthi kumuntu onomqondo wokukholwa, isethembiso sikaNkulunkulu siyafana nento eseyenzekile, ibe ingakenzeki. UZakariya wayesekufundile

ukwethemba amazwi akhulunywa nguNkulunkulu, ngalokho-ke usenesiqiniseko esimangalisayo esiwabona emazwini athi: uNkulunkulu 'uba***hambele*** abantu bakhe, wa***benzela inkululeko***!" (Luka 1:68).

Into yesibili ngeyokuthi ukufika kukaJesu onguMesiya kungukuhambela kukaNkulunkulu ezweni lethu: ***uNkulunkulu ka-Israyeli*** usihambele, wasihlenga. Kwiminyaka engamakhulu-khulu, abesizwe samaJuda base begcwele ukudangala, bezitshela ukuthi uNkulunkulu usekhohliwe ngabo: umoya wokuphrofethi usunqamukile, nabantu besizwe sakwa-Israyeli sebengaphansi kokucindezelwa ngamaRoma. Ngaleso-sikhathi bonke abesizwe sakwa-Israyeli ababesaba uNkulunkulu babelokhu behlezi belulindele lolusuku lokuhanjelwa nguNkulunkulu. ULuka usitshela ngendoda endala, uSimeyoni, indoda eyayinokukholwa okuzinikele, ukuthi ungomunye owaye '***bheke induduzo ka-Israyeli***' [Luka 2:25]. Kanjalo futhi no-Ana owayegcwalisiwe ngomkhuleko waye '***yebheke ukukhululwa kweJerusalema***' (Luka 2:38].

Lezi kwakuyizinsuku ezazibhekwe ngamehlo abomvu, kubhekwe usuku lokuvakasha kukaNkulunkulu olwase lulindwe isikhathi eside kakhulu. Iqiniso ngelokuthi lolosuku lwase lusondele, impela wayesezofika ngendlela eyayingalindelwe muntu.


Usuku Lwesine

*Kwathi ngalezo zinsuku kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu sokuba kubalwe izwe lonke. Lokhu kubalwa kokuqala kwenziwa uKhureniyu engumbusi waseSiriya. Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo emzini wakubo. Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile emzini waseNazaretha, waya eJudiya emzini kaDavide othiwa iBetlehema, ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide, ukuyobalwa kanye noMariya owayemmiselwe ukuba abe ngumkakhe, ekhulelwe.*

*NGOKUKALUKA 2:1-5*

USUKU LWESINE

# Ngenxa Yabantu Abancinyane BakaNkulunkulu

Sewake wakucabanga na ukuthi kuyinto emangalisa kangakanani ukuthi uNkulunkulu wamisa ngaphambili ukuthi uMesiya uyozalelwa eBetlehema (njengokusho kwesiphrofetho kuMika 5:2)? Futhi uyamangala yini ukuthi wamisa ukuthi lapho sekufika isikhathi, unina kanye noyise [ngokomthetho] kaMesiya babengahlali eBetlehema kodwa babehlala eNazaretha na? Nokuthi futhi, ukuze kufezeke imiBhalo, lababantu ababili abangadume ngalutho futhi okungekho okuqavile ngabo, uNkulunkulu wakubeka enhliziyweni kaKhesari Awugustu ukuthi akhiphe isimiso sokuthi bonke abangaphansi kwamaRoma kufanele babalwe, kepha kube yilowo nalowo abuyele edolobheni langakubo, ukuze sigcine ngokuthi sinyakazise abantu ababili, abazogcina sebehambe ibanga elingaphezulu kwamakhilomitha ayikhulu bebuyela

endaweni okwakuphrofethwe ukuthi uzozalelwa kuyo uMesiya.

Wake wazizwa njengami, umcinyane ungabalulekile emhlabeni onezigidigidi eziyisikhombisa zabantu, lapho izindaba zonke zingabantu abakhulu abangosopolitiki, ezomnotho, izimo zenhlalo yabantu kanye nezabantu abavelele, ezabantu ababalulekile, abanamandla, nodumo emhlabeni? Uma sekwake kwenzeka kuwe lokho, ungavumi kukudangalise, kukwephuce nentokozo yakho. Ngokuba kusobala emiBhalweni ukuthi bonke laba abangosondo-nzima kwezepolitiki nezohwebo lwezimboni ezinkulu, beluswe nguNkulunkulu kuzona zonke izinqumo abazithathayo, nakuba bona bengakwazi lokho. Futhi uNkulunkulu akakwenzi lokho ngenxa yabo, kodwa ngenxa yabantu bakhe abancinyane – ukuze izinqumo zabo zigcine ngokuthi uMariya noJosefa abancinyane bagcine besukile eNazaretha baye eBethlehema lapho kuzozalelwa khona uMesiya. UNkulunkulu usebenzisa umbuso nezinqumo zika-Khesari Awugustu ukuze agcwalise izwi lakhe, abusise abantwana bakhe.

Ungacabangi ukuthi ngenxa yobunzima owedlula kubo emhlabeni wakho omncinyane, isandla seNkosi sifinyeziwe. Akukhona ukuphumelela kwethu noma ukwaziwa

kwethu akunxanele. Kodwa unxanele ubungcwele bethu, okuyiyona-nto esenhlizweni yakhe ngathi. Ngenxa-ke yalokho, ubusa umhlaba wonke. Njengoba ifakaza nencwadi yeZaga 21:1, ithi, '***Inhliziyo yeNkosi isesandleni sikaJehova njengemifula yamanzi, uyayiphendulela lapho ethanda khona***.' Uhlale njalo eyiphendulela ekusindiseni, ekungcweliseni kanye nasezinhlosweni zakhe ezingunaphakade phakathi kwabantu bakhe.

UnguNkulunkulu omkhulu wabantu abancinyane. Ngenxa-ke yalokho, sinesizathu esikhulu sokukuthokozela lokho. Iqiniso ngelokuthi wonke amakhosi omhlaba, omongameli, ondunankulu, abaphathi bezikole zemfundo ephezulu…bonke balandela izimiso zikaBaba wethu osezulwini, ukuze thina silungiswe isimo sethu sibe njengeseNdodana yakhe, uJesu Kristu, bese siyangena enkazimulweni yakhe engunaphakade.



*Usuku Lwesihlanu*

*Kwathi-ke beselapho, zaphelela izinsuku zokuba abelethe.*
*Wazibula ngendodana, wayembesa, wayilalisa emkhombeni,*
*ngokuba bantula indawo endlini yezihambi.*

*LUKA 2:6-7*

USUKU LWESIHLANU

# Akukho Ukuchezuka EKhalvari

Kungenzeka ucabange ukuthi, uma kuwukuthi uNkulunkulu uyalibusa kanjalo izwe, ngangokuthi akwazi ukunyakazisa imibuso ezophoqa ukubalwa kwabantu ukuze alethe uMariya noJosefa eBetlehema, kwakufanele-ke nokuthi akuqinisekise ukuthi kunendlu yezihambi ebalindele, ababezofikela kuyo.

Impela wayengakwenza lokho, futhi ngaphandle kwempazamo! UJesu wayengazalelwa emndenini ocebile. Wayengaphendula amatshe abe yisinkwa ehlane. Wayengabiza izingelosi eziyizinkulungwane eziyishumi ukuthi zimsize eGetsemane. Wayengakwazi ukwehla esiphambanweni azisindise. Kepha umbuzo akusiwona owokuthi yini *ayengakwazi* ukuyenza, kodwa ungokuthi yini *ayehlose* ukuyenza.

Intando kaNkulunkulu yayingukuthi, nakuba

uKristu wayecebile, kodwa enziwe ompofu ngenxa yakho. Izimpawu ezazibhalwe eminyango yawo wonke amahhotela aseBetlehema ukuthi '*Kugcwele, Ayikho Indawo*' *zazingenxa yakho*. '***Waba mpofu ngenxa yenu***' [2 Kor. 8:9].

Ngenxa yabantwana bakhe, uNkulunkulu uyalawula zonke izinto, abuse phezu kwemithamo yamahhotela kanye nalabo abaqashisa ngezindawo zokulala. Umgwaqo waseBetlehema obizwa ngeKhalvari uqala ngezimpawu ezithi *'Kugcwele, Ayikho Indawo'*, kepha uphetha ngokukhifelwa ngamathe kanye nokugconwa esiphambanweni saseJerusalema.

Akufanele sikhohlwe ukuthi uJesu wathi: '***Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla, angilandele;*** [Luka 9:23].

Siyamulandela endleleni eya eKhalvari nokuyilapho simuzwa khona ethi, '***Khumbulani izwi enganitshela lona mina lokuthi: inceku ayinkulu kunenkosi yayo. Uma bengizingele mina, nani bayakunizingela, uma begcine izwi lami, nelenu bayakuligcina***' [Joh. 15:20].

Kulowo omemeza ngokuzilahla ethi, '***ngiyakulandela Nkosi noma uya ngaphi***', uJesu uphendula athi kuye, '***izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu***

***zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda***' [Luka 9:57-58].

Yebo, uNkulunkulu wayengakwenza ukuthi uJesu abe negumbi ekuzalweni kwakhe. Kodwa lokhu kwakuzobe sekungukuchezuka endleleni eya eKhalvari.


Usuku Lwesithupha

*Nalokhu kuyisiboniso kini: niyakufumana umntwana embesiwe, elele emkhombeni. 'Masinyane kwaba khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini, lumdumisa uNkulunkulu, luthi:*

*"Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu,*
*nokuthula emhlabeni*
*kubantu abathokozelwa nguye.'*

*Luka 2:12-14*

USUKU LWESITHUPHA

# Ukuthula Kulabo UNkulunkulu Athokozile Ngabo

Ukuthula kukabani? Kunamagama ajulile nanosizi ezwakala endumisweni yezingelosi. Ukuthula makube kulabo okuhlezi kubo umusa wakhe. Ukuthula makube kulabo athokozile ngabo. Kodwa ngaphandle kokukholwa akukho ukumthokozisa uNkulunkulu (Heb. 11:6). Ngakho-ke uKhisimusi awulethi ukuthula kubantu bonke.

UJesu wathi, '***Ukwahlulela kuyilokhu ukuba ukukhanya kufikile ezweni, kepha abantu bathanda ubumnyama kunokukhanya, ngokuba imisebenzi yabo ibimibi***' (Joh. 3:19). Noma lokho okwashiwo yikhehla uSimeyoni ngesikhathi ebona umntwana uJesu, '***Bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi ku-Israyeli, nesibonakaliso esiphikwayo… ukuba kwambulwe izizindlo zezinhliziyo eziningi***' (Luka 2:34-35).

Bangaki namuhla okuthi uma behlezi bebhukuda noma kosiwa inyama, kuphuzwe notshwala bangaboni lutho olunye oluqavile ngosuku lukaKhisimusi — ngaphandle kwesibonakaliso noma uphawu oludinga ukuphikiswa.

'***Weza kokwakhe, abakhe abamamukelanga. Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu***' (Joh. 1:11-12). Kwakukubafundi bakhe kuphela lapho athi khona, '***Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona. Akunjengokupha kwezwe ukunipha kwami. Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, ingesabi***' (Joh. 14:27).

Abantu abakujabulelayo ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke yilabo okuthi ezintweni zonke ngomkhuleko kanye nangokunxusa konke benze izicelo zabo zaziwe nguNkulunkulu (Fil. 4:6-7).

Ukhiye ovula ibhokisi lomcebo wokuthula kukaNkulunkulu ukukholelwa ezethembisweni zakhe. UPawulu uma ekhuleka uthi, '***UNkulunkulu wethemba makanigcwalise ngenjabulo yonke nokuthula konke ekukholweni***' [Roma 15:13]. Uma-ke *sizethemba* izethembiso zikaNkulunkulu, sinentokozo, nokuthula nothando, lokho kuletha udumo kuNkulunkulu.

Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kulabo athokozile ngabo, kubona bonke - abantu, izilimi, izinhlanga kanye nezizwe, abakholwayo.



*Usuku Lwesikhombisa*

*UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerode inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema, zivela empumalanga, zithi: 'Uphi lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na?'*

*NGOKUKAMATHEWU 2:1-2*

USUKU LWESIKHOMBISA

# UMesiya Wezazi

UMathewu akasitsheli ngabelusi abeza ukuzovakashela uJesu esitebeleni, njengoba kwenzile uLuka. Usheshe agxile kulabo abangabokufika, abezizwe, abangesiwona amaJuda, ababekade beqhamuka empumalanga ukuzokhuleka kuJesu.

Ngakholo-ke, uMathewu usivezela uJesu njengoMesiya wezizwe zonke, hhayi wamaJuda kuphela. Lokho ukwenza ekuqaleni nasekupheleni kwevangeli lakhe.

Esikubonayo lapha mayelana nabantu abafika kuqala ukuzokhuleka kuJesu abantu ababenekhono lokwenza imilingo, noma amakhono okufunda izinkanyezi, noma abayizazi kepha ababengaveli esizweni sakwa-Israyeli kodwa beqhamuka kwelasempumalanga, okungenzeka ukuthi babephuma eBhabhiloni. Babengabezizwe, bengahlanzekile ngokwemithetho yeTestamente eliDala ethinta ezenhlambuluko.

Ekupheleni kwevangeli likaMathewu sizwa lawamazwi okugcina akhulunywa nguJesu, '***Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi***' (Math. 28:18-19).

Lokhu akuvulanga nje kuphela umnyango wokuthi nathi esingabezizwe sithole ithuba lokuthokoza ngoMesiya, kepha kwaphinde kwagcwalisa esinye seziphrofetho ezaziphinda-phindwe kaningi, isiphrofetho esasigcizelela ukuthi izizwe namakhosi onke omhlaba ayakuza kuMesiya, athobe phansi kwakhe njengombusi womhlaba. Lokho siyakubona encwadini ka-Isaya 60:3:

> ***Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, namakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho.***

Akwenzayo uMathewu lapha ngukwenezela ubufakazi ngokuba wuMesiya kukaJesu, nokuthi imbala unguye uMesiya – iNkosi, umphelelisi wezethembiso zezizwe zonke, hhayi ku-Israyeli kuphela.

Usuku Lwesishiyagalombili

*Uphi lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na? Ngokuba sibonile inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.*

*NGOKUKAMATHEWU 2:2*

USUKU LWESISHIYAGALOMBILI

# Inkayezi YaseBetlehema Enamandla Okungesiwona Awasezweni

Kaningi-ningi uma sifunda iBhayibheli sisala sikhexe imilomo ngokuzwa indlela ezinye izinto ezenzeka ngayo. Kwenzeka kanjani ukuthi 'lenkanyezi' ikwazi ukuhola izazi zisuka empumalanga ize iyozibeka cababa eJerusalema na?

IBhayibheli alisho ukuthi inkanyezi yabahola noma yahamba phambi kwazo izazi ngesikhathi zilibangise eJerusalema. Lithi nje babona inkanyezi empumalanga [Math. 2:2] base beza eJerusalema. Umbuzo ngowokuthi yahamba kanjani phambi kwabo ohambweni olufishane nolungaphansana nje kwamakhilomitha alishumi olusuka eJerusalema luya eBethlehema ngezinyawo, njengoba uMathewu 2:9 esho? Nokuthi futhi 'inkanyezi ***yema*** kanjani ***phezu kwalapho*** okwakukhona ***umntwana*** na?

Impendulo eqondile ngeyokuthi asinalo ulwazi

lwalokho. Kepha kunemizamo yobuchwepheshe besayense efuna ukuchaza ukuthi lokhu kwenzeka kanjani. Abanye bakuchaza ngokuhlangana kwemihlaba, izinkanyezi ezinomsila, ukuqhuma kwezinkanyezi, kanye nokukhanya okuyisimangaliso. Iqiniso ngelokuthi asinalo ulwazi. Ngifisa ukukukhuthaza ukuthi ungazihluphi kakhulu ngalezi-zinto – ugcine sewugxile ezinkolelweni ezingezesikhashana, futhi okungekho okungako okusisiza ngako ukusikhulisa kwezikamoya.

Ngizibeka engcupheni yokukhuluma ngokujwayelekile ngenhloso yokwexwayisa: abantu abagcwaliswe nabahlala njalo becubungula lezi-zinto, njengokuthi izinkanyezi zisebenza kanjani, uLwandle oluBomvu lwavuleka kanjani, imana yehla kanjani, uJona waphila kanjani esiswini senhlanzi, nokuthi inyanga iphenduka kanjani ibe yigazi, abantu abanjalo yilabo engibachaza ngokuthi banemiqondo ehamba eceleni kwalokho okukholwa yiningi.

Ovamise ukukubona ukushoda kothando olujulile lwezinto ezibalulekile neziwumgogodla wevangeli: esingabala kuzo izinto ezifana nobungcwele bukaNkulunkulu, ububi besono, ukungakwazi ukuzisiza komuntu, ukufa kukaKristu, ukulungisiswa ngokukholwa kuphela, umsebenzi kaMoya wokusingcwelisa, inkazimulo

yokubuya kukaKristu kanye nokwahlulela okuyoba ngokokugcina. Bahlala njalo bebonakala benesasasa ngencwadi ethize esanda kuphuma noma iziqeshana abazifudile ezibathokozisile, okuyimibhalo enake izinto eziseceleni. Bavamise ukungathokozi ngokugcwele ngezinto ezibalulekile nezineqiniso.

Kodwa okusobala maqondana naloludaba lwenkanyezi ukuthi yenza into ebingeke ikwazi ukuyenza ngokwayo: okungukuholela izazi eNdodaneni kaNkulunkulu ukuba ziyoyikhonza.

Uyedwa kuphela umuntu ngokucabanga ngokweBhayibheli ongakwazi ukwenzisa izinkanyezi ebezingekwenze ngawazo amandla: uNkulunkulu uqobo lwakhe.

Ngakho-ke isifundo sisobala: uNkulunkulu uhola izihambi ukuthi ziye kuKristu, ziyomkhonza. Ukwenza lokho ngokukhulula amandla onke akhona nangawasebenzisa ukuphumelelisa loyomsebenzi.

Esikukhonjiswe uLuka ukusebenza kukaNkulunkulu enyakazisa umbuzo wamaRoma ukuze ukubalwa kwabantu kwenzeke ngqo ngesikhathi esiqondene nokuthi intombi ebukeka ingelutho ifinyelele eBetlehema ukuze igcwalise isiphrofetho sokubeletha kwayo kulendawo. Kanti

uMathewu yena usikhombisa uNkulunkulu esebenzisa izinkanyezi esibhakabhakeni ukuze ziqoqele idlanzana labezizwe eBetlehema, okuyilapho bezokhonza khona iNdodana.

Konke lokhu kungukuhlela kukaNkulunkulu. Njengoba akwenza ngaleso-sikhathi, usakwenza namanje. Inhloso yakhe ukuthi izizwe – zonke izizwe (Math. 24:14), zidumise iNdodana.

Lokhu kuyinhloso nentando kaNkulunku ngawo wonke umuntu enisebenza naye, enifunda naye, owakhelene naye kanye nalabo ohlala nabo ekhaya. Njengokuba esho uJohane 4:23, '***ngokuba uBaba ufuna bakhuleka kuye abanjalo***.'

Ekuqaleni kukaMathewu sisabona kuqhubeka umqondo wokuthi *'wozani nizobona'*. Kodwa ekupheleni kwencwadi sesibona umqondo owehlukile, umqondo othi *'hambani nimemezele'*. Izazi zeza zabona. Okwethu ukuthi sihambe simemezele.

Kodwa okungahlukile inhloso namandla kaNkulunkulu ekuhlanganiseni izizwe zonke zomhlaba ukuthi zizokhonza iNdodana yakhe. Ukuphakanyiswa kwegama likaKristu ngendumiso emhlophe nenentshisekelo evuthayo, yenziwa ngabezizwe zonke kuyisizathu sobukhona kwalomhlaba.


Usuku Lwesishiyagalolunye

*UHerode inkosi esekuzwile lokho wakhathazeka neJerusalema lonke kanye naye.*

*NGOKUKAMATHEWU 2:3*

USUKU LWESISHIYAGALOLUNYE

# Izindlela Ezimbili Zokumelana NoJesu

UJesu uyinkathazo kubantu abangafuni ukumkhonza, kuthi kwabafunayo ukumdumisa, alethe ukuphikiswa. Kungenzeka ukuthi lokhu akulona iphuzu eliqavile emqondweni kaMathewu, kodwa kungumphumela esingekwazi ukuwubalekela uma luya ngokuqhubeka udaba lwakhe.

Kuloludaba, kunezinhlobo ezimbili zabantu abangafuni ukumkhonza uJesu.

Uhlobo lokuqala, ngabantu abangafuni ukwenza lutho, abangamkhathalele qobo uJesu. Ngokwabo, uJesu ufana nento engekho nengaxhumi ndawo ezimpilweni zabo. Abanjalo singabafanisa neqembu labaPristi abakhulu nababhali, ababephila ngasekuqaleni kwempilo kaJesu. UMathewu 2:4 uthi, uHerode '***Wabutha bonke abapristi abakhulu nababhali besizwe, wabuza kubo ukuthi***

***uKristu uzakuzalelwaphi***.' Base bemtshela, kwaphelela lapho-ke: kwaba yilowo-nalowo waziqhubekela nempilo yakhe njengokujwayelekile. Ukuthula du kanye nokungenzi lutho kwabaholi kuyamangaza uma ubheka izinto ezazenzeka.

Qaphela futhi ukuthi uMathewu 2:3 uthi, '***UHerode inkosi esekuzwile lokho wakhathazeka neJerusalema lonke kanye naye***.' Ngamanye amazwi, amahlebezi okuthi sekukhona ozelwe okucatshangwa ukuthi unguMesiya ayesebhebhetheka kuyona yonke indawo. Ukuzithela ngabandayo kwabaholi ikakhulukazi kwabaPristi abakhulu kuyamangaza: kungani bengahambanga nezazi? Kuyacaca ukuthi babengenantshisekelo. Lwalungekho ngisho nofuqufuqu lokuthola indawo, ukuze bazifikele mathupha eNdodaneni kaNkulunkulu, ukuba nabo bayikhonze.

Uhlobo lwesibili lwabantu abangafuni ukukhonza uJesu olwalabo abangenwa amanzi emadolweni uma becabanga ngaye. Omunye walabo nguHerodi, ochazwa kanjalo kulendaba. Wayegwaja, efaka umsila phakathi kwemilenze uma ecabanga ngoJesu. Indlela ayemesaba ngayo waze wabumba itulo namanga, okwagcina ngokuthi abhubhise abantwana abaningi, esemkhankasweni wokugudluza uJesu.

Lokho-ke akukashintshi, kusenjalo nanamhlanje. Lezi

zinhlobo ezimbili zokumelana noJesu kanye nabalandeli bakhe zisekhona. Abanye abamgqizi-qakala. Abanye bagcwele ubutha nenzondo. Ngiyethemba-ke ukuthi (wena ofunda lencwadi) awusiyona ingxenye yelinye lalamaqembu.

Uma ungumKristu, loKhisimusi mawube yisikhathi lapho uzozindla khona ngokuthi kusho ukuthini - yini ezokulahlekela – ngokulandela nokukhonza kwakho uMesiya.



*Usuku Lweshumi*

*Zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu. Zase zingena endlini, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi, zakhuleka kuye, zavula amagugu azo, zamkhunga ngezipho: igolide namakha nenhlaka.*

*NGOKUKAMATHEWU 2:10-11*

USUKU LWESHUMI

# Igolide, Amakha Nenhlaka

UNkulunkulu akakhonzwa ngezandla zabantu okungathi kukhona akudingayo [IZenzo 17:25]. Izipho zezazi azinikelwa ngoba kwakudingwa usizo noma ukuhlangabezana nesidingo esithile. Kungabe ukudelela ubukhosi uma kungafika abayizihambi belethele inkosi izinto zokuyinakekela.

Futhi kwakungagwazwa ngalezi-zipho, njengoba siyazi ukuthi uNkulunkulu uyakwenyanya ukugwazelwa noma ukufunjathiswa (Dut. 10:17). Pho-ke zazisho ukuthini? Ziyindumiso kanjani?

Izipho ezinikezwa labo abadla izambane likapondo, abangadingi lutho komunye umuntu zisuke zenanela futhi ziqinisa isifiso salowo ophayo ukuze aveze ukuthi lowo ophiwayo muhle kanjani. Ngenye indlela, ukunikeza izipho kuKristu kuyefana nokuzila ukudla, usuke uya kuye

kungekho okuphethe ukuze utshengise ukuthi uKristu mkhulu kunalokhu oza ungenakho.

Uma unikezela isipho kuKristu ngalendlela, usuke uthi, '*Intokozo engiyifunayo!*' '***Zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu***' [Math. 2:10]. Intokozo evela kuMathewu lapha akusiyona intokozo yethemba lokuceba emveni kokushintshana, noma ukuxoxisana ngenkokhelo. Ngize kuwe ngenxa yakho hhayi ngenxa yezinto zakho. Lesisifiso sengiyasiqinisa ngibuye futhi ngisiveze ngokuthi ngidele *izinto* nginentshisekelo yokuthokoza okukhulu ngawe. Uma nginikezela kuwe lokhu ongakudingi kodwa ebengingakuthokozela mina, ngisho ngokuzinikela okukhulu nangeqiniso, ngithi ngazo (izipho) '*Nguwe oyigugu lami akuzona lezinto*.'

Ngicabanga ukuthi kusho lokho ukunikela ngezipho zegolide, amakha nenhlaka, nanganoma yikuphi okunye esinganikela ngakho kuNkulunkulu.

Kwangathi uNkulunkulu angavusa kithi ukulangazelela uKristu uqobo lwakhe, sisho ngenhliziyo emhlophe ukuthi, *'Nkosi Jesu, unguMesiya, iNkosi ka-Israyeli. Zonke izizwe ziyakuza ziguqe phambi kwakho. UNkulunkulu uzamazamisa umhlaba ukuze kukhonzwe wena. Ngakho-ke noma ngingaphikiswa ngayiphi yona indlela, ngiletha*

*ngentokozo igunya nesithunzi esifanele wena, bese ngiletha nezipho zami ukusho ukuthi nguwe kuphela ongakwazi ukwenelisa inhliziyo yami.'*


Usuku Lweshumi-nanye

*Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane, abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.*

*KUMAHEBHERU 2:14-15*

USUKU LWESHUMI-NANYE

# Kungani UJesu Eza Emhlabeni

Incwadi kumaHebheru 12:14-15, iyona engicabanga ukuthi iyintandokazi yami ezincwadini zonke ezikhuluma ngokuza kukaJesu. Lokho kwenziwa ngukuthi ayikho enye incwadi engiyaziyo eveza ngokucacile ukuxhumana phakathi kokuqalisa nokuphethwa kwempilo kaJesu yasemhlabeni – impilo ethinta isikhathi sokuthabatha kwakhe inyama kanye nesokubethelwa kwakhe. Lamavesi amabili akubeka kucace ukuthi uJesu wezelani emhlabeni, okungukuthi wezela ukuzofa. Angaba wusizo olukhulu uma bewungawasebenzisa kubangani nasezihlotsheni zakho ezingakholwa, ukuze ubacathulise kahle ngolwazi onalo ngoKhisimusi. Hlasimbe, ungakwenza ngokuwahlakaza izigatshana ezinhlanu, bese ubheka isigaba ngasinye, ngaphambi kokwedlulela kwesilandelayo.

Nasi isibonelo sendlela ongawahlakaza ngayo.

1. '***Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama...'*** (Heb. 2:14a)
   Igama elithi ***abantwana*** lithathwe evesini elingenhla, (Heb. 2:13). Lisho abantwana abayinzalo kaKristu ngokukamoya, uMesiya [(unda u-Isaya 8:18, 53:10). Labo futhi ***bangabantwana bakaNkulunkulu*** (Joh. 1:12). Ngamanye amazwi, ngokuthumela uKristu, abekuhlisole kakhulu uNkulunkulu ngukuthi kusindiswe labo aba***ngabantwana*** bakhe.

   Kuyiqiniso ukuthi '***uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela*** (ngoJesu)' (Joh. 3:16). Kodwa futhi kuyiqiniso elimsulwa ukuthi '***wayebuthela ndawonye abantwana bakaNkulunkulu abahlakazekileyo*** ezweni lonke' (Joh. 11:52). Uhlelo lukaNkulunkulu lwalunguku*nikela* uKristu emhlabeni wonke ukuze *liphumelele* icebo lensindiso yabantwana bakhe (Funda 1 Thim. 4:10). Nawe futhi ungenziwa indodana ngokwamukela uKristu (Joh. 1:12).

2. '…***naye uqobo wahlanganyela khona lokho*** (inyama negazi) …' (Heb.2:14b)

   Lawamazwi asitshela ukuthi uKristu wayekhona ngaphambi kokuthi athabathe inyama. Wayengumoya, enguLizwi ongunaphakade. WayenoNkulunkulu futhi enguNkulunkulu [Joh. 1:1, Kol. 2:9). Kodwa wathabatha, wembatha inyama negazi, wambathisa ubuNkulunkulu bakhe ngemvelo yenyama. Waba ngumuntu ophelele, ebe futhi enguNkulunkulu ngokuphelele. Lokhu kuyimfihlakalo enkulu ngezindlela eziningi. Kodwa leloqiniso lingummongo nomgogodla wokholo lwethu – njengokufundiswa kwalo yiBhayibheli.

3. ***'… ukuze ngokufa….'*** (Heb. 2:14c)

   Yilesi isizathu esenza uJesu abe ngumuntu, ukuthi afe. Esimweni sobuNkulunkulu bakhe ngokuphelele, wayengeke akwazi ukufa, afele izoni. Kodwa esenemvelo yomuntu wayengakwazi ukufa. Inhloso yakhe yayingukufa. Yilokho okwenza kudingeke aqale ngokuthi azalwe engumuntu, ezalelwa ukuzofa. Inhloso kaKhisimusi kwakuwukuthi kube nePhasika. Yilokho okufanele

kuzwakale kubantu abaningi namuhla maqondana nokuthi lusho ukuthini usuku lukaKhisimusi.

4. ***'…amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane…'*** (Heb. 2:14c)
   Ekufeni kwakhe, uKristu wamenza ize uSathane. Kanjani? Ngokuthathela kuye zonke izono zethu. Lokho sekusho ukuthi uSathane asemphelele amagunya okusimangalela ngamacala esiwenzile phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. '***Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo***" (Roma 8:33). Yini esilungisiswa ngayo? Yigazi likaJesu (Roma 5:9).

   Isikhali abemi ngaso uSathane bekuyizono zethu. Uma ukufa kukaJesu kususile isono sethu, obekuyisikhali esikhulu uSathane (futhi esingekho esinye anaso) asisebenzisayo ukusimangalela, lokho-ke kusho ukuthi uSathane usemukiwe amandla. Akasakwazi ukusimangalela ukuthi sijeziswe ngesigwebo sentambo, ngenxa yokuthi onguMahluleli usesikhiphe phambili (njengabamsulwa) ngokufa kweNdodana yakhe!

5. ***'…abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.'***

   UNkulunkulu usilungisisile. USathane angeke akwazi ukuguqula leso simiso. Lokho uNkulunkulu ukwenzele ukuthi siphephe *ngokuphelele*, kulethe noguquko *oluphuthumayo* ezimpilweni zethu. Uhlose ukuthi kube nesiphetho esithokozisayo esizosusa ubugqila kithi nokwesaba okungahle kwenzeke manje.

   Uma kungasafanele sesabe ukufa, okuyisitha sethu sokugcina, okusho ukuthi akusekho-ke okunye okusafanele sibuye sikwesabe. Singakhululeka. Sikhululekele intokozo. Sikhululekele nabanye.

   Saze sasikhulu isipho sikaKhisimusi uNkulunkulu asinikize sona! Sasuka kithi saya ezweni!


Usuku Lweshumi nambili

*Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinompristi omkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini, isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu.*

*KUMAHEBERU 8:1-2*

USUKU LWESHUMI NAMBILI

# Ukungena Esikhundleni Salokho Obekuyisithunzi

Inhloso yencwadi yamaHeberu ukuveza ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, akezanga nje kuphela ukuthi azongena enkonzweni yobupristi eyayikade ivele ikhona emhlabeni, nanjengompristi omuhle nowokugcina. Kepha okunye akuzela ukuzogcwalisa nokuqeda leyondlela endala, enze nokuthi sinake yena yedwa owasikhonza eKhalvari njengomhlatshelo wokugcina, kanye futhi nanjengomPristi wokugcina osezulwini.

Itabenakele leTestamente eliDala, abapristi kanye nemihlatshelo kwakungamathunzi nje. Okwangempela sekufikile, izithunzi sezidlulile.

Nanku umfanekiso wokuza kukaJesu ongaba wusizo ezinganeni – nakulabo kithi abedlula ebuntwaneni nabasakhumbula ukuthi kwakunjani. Ake sithi sewudukelene nomama wakho enxaxatheleni yezitolo lezi

okuthengwa kuzo okudliwayo, bese uqala ukungenwa wuvalo, udideke, awusazi ukuthi kufanele uye ngakuphi, bese ugijimela ekupheleni kwalapho kubekwa khona izimpahla. Sekuthi memeza ngengilo ubone kuthi shwi isithunzi phansi esifana nesikamama wakho. Lelothunzi, likulethela ithemba. Kodwa ikuphi okuncono? Ukubona isithunzi sikamama wakho noma ukubona yena siqu sakhe eseqhamuka na?

Kunjalo-ke uma uJesu efika ezoba ngumPristi wethu omkhulu. UKhisimusi uyilokho. UKhisimusi ilapho kususwa khona izithunzi kubekwe okuyiqiniso: Ukuqhamuka kukamama ekhoneni, ukukhululeka nenjabulo efikela umntwana omncane obengasamboni unina.

(Uma ufuna ukwazi kabanzi ngokuza kukaKristu esezongena endaweni yalokho obekuyizithunzi, bheka kwisithasiselo ngasekupheleni kwalencwadi.)


*Usuku Lweshumi- nantathu*

*Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinompristi omkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini, isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu… bekhonza okungumfanekiso nesithunzi sokwasezulwini, njengokuba uMose wayalwa esezakwenza itabernakele ngokuthi: 'Bheka, wokwenza konke ngesifanekiso owaboniswa sona entabeni.'*

*KUMAHEBERU 8:1-2, 5*

USUKU LWESHUMI-NANTATHU

# Selikhona Iqiniso Lokugcina

Kukhona ebese sike sabona ngaphambili, kodwa kusekhona okunye okusasilele.

UKhisimusi ungena esikhaleni samathunzi, kufike okuyiqiniso.

AmaHeberu 8:1-2, novesi 5 afana namazwi okufingqa. Okuwummongo ngukuthi lowompristi omkhulu omayo phakathi kwethu noNkulunkulu, silungisiswa ngaye, sinxuselwe nguye, akuyena nje umPristi ojwayelekile, obuthaka, onezono, nofayo njengalabo bezinsuku zeTestamente eliDala. UyiNdodana kaNkulunkulu, enamandla, engenasono futhi enempilo engenakubhujiswa.

Akukhona lokho kuphela, akasikhonzeli etabernakeleni lasemhlabeni, nobuthakathaka balo ngokwendawo nobukhulu, eligugayo, elidliwa inundu, elicwilayo, elishayo, elidabukayo futhi elintshontshekayo. Cha akunjalo! AmaHeberu 8:2 athi uKristu uyasikhonzela, , '***isikhonzi***

***sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu***.' Lesi akusona isithunzi. Yinto yangempela esezulwini. Leli yiqiniso eligudluza isithunzi saseNtabeni yaseSinayi okwakufanele abonele kuso uMose.

NgokwamaHeberu 8:1, enye into enkulu ngeqiniso elikhulu ngaphezu kwesithunzi ngukuthi umPristi wethu oMkhulu uhlezi ngakwesokunene sobukhosi ezulwini. Akekho noyedwa umPristi weTestamente eliDala owayengakwazi ukusho lokho.

UJesu usebenza ngqo noNkulunkulu uYise. Usenendawo ehloniphekile eceleni kukaNkulunkulu. Uyathandwa futhi uyahlonishwa ngokungapheliyo nguBaba. UnoYise ngokungapheliyo. Lesi akusona isithunzi esinjengezindwangu, nezitsha, namatafula, namakhandlela, imijiva nezintambo, nezimvu, nezimbuzi namajuba. Lokhu kungokokugcina, iqiniso lokugcina: uNkulunkulu neNdodana yakhe bexhumana ngothando nangobungcwele bensindiso yethu engunaphakade.

Iqiniso lokuphela lingabantu bobuThathu bukaNkulunkulu besebudlelwaneni, besebenzisana maqondana nobukhulu kanye nobungcwele nothando nobulungiswa nobuhle neqiniso okuyakwembulwa ekuhlengweni kwabantu babo.


*Usuku Lweshumi- nane*

*…kepha kalokhu unikiwe inkonzo enhle kakhulu,*
*njengalokhu engumlamuleli wesivumelwano esihle kakhulu,*
*esimisiwe ngokwezithembiso ezinhle kakhulu.*

*KUMAHEBERU 8:6*

USUKU LWESHUMI-NANE

# Ukwenza Kube Okweqiniso Kubantu Bakhe

UKristu ungumxhumanisi wesivumelwano esisha, ngokusho kwamaHeberu 8:6. Ngabe kusho ukuthini lokho na? Kusho ukuthi igazi lakhe - igazi lesivumelwano (Luka 22:20; Heb. 13:20), lathenga, lavikela okokugcina nangokuqinisileyo ukupheleliswa kwazo zonke izethembiso uNkulunkulu asenzele zona.

Lokho kuchaza ukuthi, ngokwezethembiso zesivumelwano esisha, uletha ukuguquka ngaphakathi kithina ngoMoya kaKristu.

Futhi lokho kuchaza nokuthi uNkulunkulu wenza umsebenzi wokusiguqula ngokukholwa - ukukholwa okusho konke lokho uNkulunkulu ayikho kithi ngoKristu.

Isivumelwano esisha sithengwe *ngegazi* likaKristu, sapheleliswa *ngoMoya* kaKristu, senziwa esethu *ngokukholwa* kuKristu.

Indawo engcono lapho ungabona khona uKristu esebenza ngengomxhumanisi wesivumelwano esisha ikumaHeberu 13:20-21: ***Kepha uNkulunkulu wokuthula owakhuphula kwabafileyo umalusi omkhulu wezimvu ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.***

Amagama athi '***esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe***' achaza lokho okwenzakalayo uma uNkulunkulu eloba umthetho wakhe ezinhlizweni zethu ngokwesivumelwano esisha. Bese kuthi amazwi athi '***ngoJesu Kristu***' wona achaze uJesu njengomxhumanisi omuhle kulomsebenzi kaNkulunkulu womusa awenza ngokwentando yakhe.

Ngakho-ke uma sikhuluma ngoKhisimusi asikhulumi nje kuphela ukuthi uNkulunkulu usuke ebeka lokhu okuyiqiniso endaweni yezithunzi. Kodwa sisuke sithi uphinde athathe lawomaqiniso awenze into ekhona nephathekayo kubantu bakhe. Uyawaloba ezinhliziyweni zethu. Akafihli ngaphansi kwesihlahla izipho zakhe

zikaKhisimusi eziyinsindiso kanye nokuguquka, ukuze kube nguwena ozitholela zona ngamandla akho. Uyakucosha yena akufake enhliziyweni nasemqondweni wakho, akunike uphawu lwesiqiniseko lokuthi ungumntwana kaNkulunkulu.


*Usuku Lweshumi-nanhlanu*

*Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa, mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime.*

*NGOKUKAJOHANE 10:10*

USUKU LWESHUMI NANHLANU

# Ukuphila Nokufa NgoKhisimusi

Kuthe sengilungiselela ukuqala ukubhala lencwadi, ngathola umbiko wokuthi uMarion Newstrum usanda kushona. UMarion nomyeni wakhe u-Elmer yibona bobabili abangamaLunga amadala ukwedlula iningi lamaLunga eBandla lethu. Abanye babengakazalwa nokuzalwa. Ushone eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa. Bese beshade iminyaka engamashumi ayisithupha nane.

Kuthe uma ngikhuluma no-Elmer, ngimkhuthaza ukuthi aqine eNkosini, angadikibali empilweni, wangiphendula ngokuthi, '*yena usebe ngumngani weqiniso*.' Kungumkhuleko wami ukuba bonke abazalwane bakwazi ukusho lokhu uma sebefinyelele esiphethweni sezimpilo zabo, besho bengenamahloni ukuthi '*uKristu ungumngani weqiniso*.'

Njalo uma kusondela izinsuku zoKhisimusi, isikhathi sokulungiselela ukuza kweNkosi ngikhumbula ukwedlula emhlabeni kukamama wami. Washona eseneminyaka engamashumi amahlanu nesithupha, engozini yebhasi kwa-Israyeli. Kwakungu mhlaka 16 kuZibandlela, ngo 1974. Lezo zigameko zisabuya kimi kube sengathi zenzeke namuhla. Uma ngizithambisa, ngingazithola sengikhala kalula, ngikhaliswa ukuthi amadodana ami awakaze ambone. Samngcwaba ngosuku olulandela oloKhisimusi. Lowo Khisimusi waba yigugu elikhulu kimi!

Abaningi benu bazokuzwa lokhu kulahlekelwa kuloKhisimusi ngendlela ehlukile kunakuqala. Ungakuvimbi, kudedele, ukuzwe. Kanti olwani uthando uma kungelona olokuqinisa imizwa yethu – ekufeni nasekuphileni ngokufanayo na? Kodwa ungabi muncu. Ngelishwa, ukuba muncu kuyefana nokuzibulala.

UJesu wafika ngoKhisimusi ukuze sibe nokuphila okuphakade. ***'…ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime***' (Joh. 10:10). U-Elmer noMarion base bexoxile ukuthi bafisa ukuyichitha kuphi iminyaka yabo yokugcina. U-Elmer wathi, *'Sivumelene noMarion ukuthi ikhaya lethu lokugcina liyokuba seNkosini.'*

Ngabe uzizwa ungaphumule yini, ulangazelele ikhaya?

Nginomndeni ozofika ngamaholide, lokho kuyathokozisa. Ngicabanga ukuthi isizathu-ngqangi esenza sikuthokozele lokho ukuthi bona nami, silangazele ekujuleni kwezinhliziyo zethu, ukuya ekhaya lokugcina. Konke ukuvakashela amakhaya kufana nokunambitha ngaphambili lokhu esizokuzwa ekugcineni. Futhi ukunambitha okunjalo kuhle.

Ngaphandle uma lokhu kunambitha kuzothatha indawo yalokhu okuzokwenzeka ekugcineni. Ungavumeli ubumnandi balesi sikhathi buthathe indawo yobumnandi obukhulu futhi obusekugcineni, obukhulu, ubumnandi obenelisa inhliziyo ngokuphelele. Akuthi konke ukulahlekelwa nayo yonke intokozo kukhumbuze inhliziyo yakho ukuthi usazoya ekhaya.

UKhisimusi uyini uma ungesikona lokhu: '…***ngizile ukuba babe nokuphila***? UMarion Newstrum, uRuth Piper kanye nami nawe, uKhisimusi uzele ukuthi sibe nokuphila, manje kuze kube phakade.

Yenza *imanje* lakho licebe futhi lijule kuloKhisimusi ngokuphuza emthonjeni *ongunaphakade*. Awusekude, ususeduze kakhulu loyomthombo.


*Usuku Lweshumi- nesithupha*

*Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba, nezilimi zonke zivume ngokuthi UJESU KRISTU UYINKOSI, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise.*

*KWABASEFILIPHI 2:9-11*

USUKU LWESHUMI NESITHUPHA

# Ukubuyela Emuva KukaNkulunkulu Okuyimpumelelo

UKhisimusi uyisikhumbuzo salokho okwabuyisela uNkulunkulu emuva ngempumelelo emangalisayo. Kungumkhuba ukuthokozela ukuveza amandla akhe lapho kubonakala engathi wehluliwe khona. Wenza iqhinga okungathi uhlehla nyovane, kanti wenza isu lokunqoba.

ETestamentini eliDala, uJosefa, owayengomunye wamadodana kaJakobe ayishumi nambili, wayethenjiswe inkazimulo namandla ephusheni lakhe (Gen. 37:5-11). Kodwa ukuze liphumelele lelophupho lakhe kwafanela aqale ngokuba yisigqila eGibhithe. Okungathi lokho kwakungenele, kuthe lapho isimo sakhe siya ngokuba ngcono ngenxa yenkambo yakhe enhle, wehlelwa okubi kakhulu, osekungaphezulu kokuba yisigqila: waba isiboshwa.

Kodwa konke lokhu kwakuhleliwe, ekuhlelelwe

nguNkulunkulu ukuze kube kuhle kuye kanye nakwabomndeni wakhe, nakubantu bonke abasemhlabeni!

Kuthe esagqunywe ejele wahlangabezana nomphathi wezinceku zikaFaro, owagcina ngokumyisa kuFaro, uFaro wagcina esemenze umbusi eGibhithe. Ekugcineni, iphupho lakhe lafezeka. Abafowabo bamkhothamela, wabasindisa endlaleni. Lokhu kusibonisa indlela emangazayo yokuya enkazimulweni!

Kodwa leyo indlela kaNkulunkulu - ayisebenzisa ngisho naseNdodana yakhe. Wazidela ethabatha isimo sesigqila. Kodwa waba okungaphezulu kwesigqila – waba yisiboshwa - wanqanyulezwa. Kodwa njengoJosefa, wagcina inkambo yakhe enhle. '***Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe…'*** [Fil. 2:9-10].

Lena indlela kaNkulunkulu ayimisele ukuthi nathi sedlule kuyo. Sethenjiswe inkazimulo uma sihlupheka kanye naye njengokuba esho kwabaseRoma 8:17. Indlela eya phezulu iqala ngokuya phansi. Indlela eya phambili iqala ngokuya emuva. Indlela eya empumelelweni iqala yedlule ezingqinambeni ezivela kuBaba osezulwini. Lezi zindlela ziyohlale njalo zibukeka futhi zizwakala

njengokwahluleka.

Uma kukhona into uJesu noJosefa abasifundisa yona ngaloKhisimusi, ilena: lokho uSathane nabantu ababi ababekuhlosile ukuthi kube ngokubi, '***uNkulunkulu wakuceba kwaba kuhle***…" (Gen. 50:20].

*Nina bangcwele abesabayo thathani isibindi esisha*
*Amafu eniwesabayo kakhulu*
*Makhulu agcwele isihawu futhi ayophuma*
*Abe yisibusiso phezu kwekhanda lakho.* [1]

1 Lamagama acashunwe eculweni elibhalwe ngu William Cowper: William Cowper, "God Moves in a Mysterious Way," 1773.


Usuku Lweshumi nesikhombisa

*‘Bheka, izinsuku ziyeza,’ usho uJehova, ‘lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda.’*

*JEREMIYA 31:31*

USUKU LWESHUMI NESIKHOMBISA

# Insindiso Enkulu Obewungayicabanga

UNkulunkulu ulungile, ungcwele, futhi akefani nezoni ezinjengathi. Yilena inkinga yethu enkulu ngoKhisimusi - nangazo zonke ezinye izikhathi. Singalungisiswa kanjani phambi kukaNkulunkulu olungile nongcwele na?

Nakuba kunjalo, uNkulunkulu unesihawu njengalokho ethembisa kuJeremiya 31 (eminyakeni engamakhulu amahlanu ngaphambi kokufika kukaKristu) ukuthi ngelinye ilanga uyokwenza into entsha. Uyoletha okuyiqiniso endaweni yakho konke okwakungamathunzi ngoMesiya. Nokuthi uyakungena ngamandla ezimpilweni zethu abhale intando yakhe ezinhliziyweni zethu ukuze singabambeki nje ngaphandle kepha sinxanele ngengaphakathi lethu lonke ukumthanda, ukumethemba, nokumlandela futhi.

Lokhu kuyakuba ukusindiswa okukhulu obewungakucabanga - uma uNkulunkulu ezosinika iqiniso elikhulu kunawo wonke emhlabeni ukuba silithokozele ngenkululeko kanye nangentokozo enkulu. Lesi isipho sobuKristu esifanele ukuba kuhlatshelelwe ngaso.

Yiko kanye lokho akwethembise esivumelwaneni esisha. Kodwa kwaba nesithiyo esikhulu, okuyisono sethu, ukwehlukana kwethu noNkulunkulu ngenxa yokungalungi kwethu.

Kungenzeka kanjani ukuthi uNkulunkulu ongcwele nolungile kangaka aphathe thina esiyizoni ngobumnene, aze asinikeze iqiniso elikhulukazi kangaka emhlabeni (okuyiNdodana yakhe) ukuze silithokozele ngenjabulo yonke na?

Impendulo ithi, uNkulunkulu wabeka isono sethu eNdodaneni yakhe, wabe esezehlulela khona lapho, ukuze akhohlwe yizo, bese esiphatha ngesihawu, ukuze agcineke engonobulungiswa nongcwele ngesikhathi esisodwa. Umbhali wamaHeberu 9:28 uthi uKristu wanikelwa kwaba '***kanye ukuba athwale izono zabaningi***.'

UKristu wathwala izono zethu emzimbeni wakhe uma efa (1 Pet. 2:24). Wathatha ukwahlulelwa kwethu (Rom. 8:3). Wesula icala lethu (Rom. 8:1). Lokho kuchaza

ukuthi izono zethu zisusiwe (iZenzo 10:43). Azisekho engqondweni kaNkulunkulu njengesizathu abezasehlulela ngaso. Ngaleyondlela, singasho ukuthi "uyazikhohlwa" (Funda Jer. 31:34). Zigwinyiwe ngokufa kukaKristu.

Lokhu kusho ukuthi uNkulunkulu usekhululekile, ebulungisweni bakhe, ukuthi asibunyele ngazo izethembiso eziningi-ningi zesivumelwano esisha. Usinikeze uKristu, oyiqiniso elikhulu kunawo wonke emhlabeni, ukuze abe yisibusiso sentokozo yethu. Uloba intando yakhe - inhliziyo yakhe - ezinhliziyweni zethu ukuze sikwazi ukuthanda futhi sethembe futhi silandele uKristu, sikwenze lokho kusuka ngaphakathi kuze kuphuphumele nangaphandle, ngenkululeko nangentokozo.



*Usuku Lweshumi*
*nesishiyagalombili*

*Njengalokho wangithumela ezweni,*
*nami ngibathumela ezweni.*

*NGOKUKAJOHANE 17:18*

USUKU LWESHUMI NESISHIYAGALOMBILI

# UKhisimusi Njengesibonelo Somsebenzi Wokuhambisa Ivangeli

UKhisimusi uyisibonelo somsebenzi wokuhambisa ivangeli ezindaweni lapho uKristu engakaziwa khona. Lomsebenzi uyisibuko sikaKhisimusi. Njengoba kunjalo kimi, kunjalo nakuwe.

Isibonelo, izingozi uJesu ayebhekene nazo ezokuthi weza kwabakhe, kepha abakhe abamamukelanga. Nawe futhi ngokunjalo. Bamakhela itulo lokumchitha, nawe futhi. Wayengenalo ikhaya lokuhlala elingelakhe, kunjalo nakuwe. Bamumangalela ngamanga, kunjalo nakuwe. Bamshaya bambhinqa, kunjalo nakuwe. Wafa emveni kweminyaka emithathu ewuqalile umsebenzi wakhe. Nawe futhi uzakufa ngolunye usuku.

Kodwa kunengozi engaphezulu kwalokhu uJesu *aphunyuka* kuyo. Nakuwe kunjalo!

Ngeminyaka yabo (1506-1552) uFrancis Xavier

wabhalela uFather Perez waseMalacca (indawo eseyaziwa ngokuthi i-Malaysia namhlanje) mayelana nezingozi zomsebenzi wokuhambisa ivangeli ezweni lase-China. Wathi, '*Ingozi engaba nkulu kunazo zonke izingozi kungaba eyokulahlekelwa yithemba lesihawu sikaNkulunkulu… ukungamethembi kungaba yinto embi kakhulu ukwedlula yonke enye ingozi yasemzimbeni engalethwa kithi yizona zonke izitha zikaNkulukulu ngokuphelela kwazo, ngokuba ngaphandle kwemvume kaNkulunkulu akukho okungenziwa iziphathi-mandla zomubi noma zabantu ukusithiya nangencane indlela lena*.'[1]

Ubungozi obukhulu obubhekana nalabo abahambisa ivangeli akukhona ukufa kodwa ukungasethembi isihawu sikaNkulunkulu. Uma leyongozi beyingagwemeka, bonke obunye ubungozi bebungalehlekelwa udonsi lwabo.

Ekugcineni uNkulunkulu wenza yonke inkemba ibe intonga esandleni sethu. Njengokuba uJ.W. Alexander esho, '*yileso naleso sikhathi somsebenzi wamanje siyokukhokhelwa ngomusa wezigidi-gidi zeminyaka yenkazimulo*.'[2]

---

1 From "A Letter to Father Perez," in Classics of Christian Missions, ed. Francis M. DuBose (Nashville, TN: Broadman Press, 1979), 221f.

2 J. W. Alexander, Thoughts on Preaching: Classic

UKristu wabugwema lobu bungozi - ubungozi bokungamethembi uNkulunkulu. Ngalokho uNkulunkulu wamphakamisa! Njengoba kwenzeka kuye, kuzokwenzeka nakuwe.

Khumbula kulesi-sikhathi sokulindela ukufika kwakhe, ukuthi uKhisimusi uyisibonelo osikhumbuza ngomsebenzi wokuhambisa ivangeli. Njengakimi, kanjalo futhi *nakuwe*. Umsebenzi wokuhambisa ivangeli usho ubungozi. Ubungozi obukhulu ukungasethembi isihawu sikaNkulunkulu. Uma uke wawela kulokho, usulahlekelwe yikho konke. Uma uke wakunqoba kukho, ayikho enye into eyokuba ingozi kuwe iminyaka eyizigidi-gidi.

---

Contributions to Homiletics (Edinburgh: Banner of Truth, 1975), 108.



*Usuku Lweshumi*
*nesishiyagalolunye*

*Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane, abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.*

*KUMAHEBERU 2:14-15*

USUKU LWESISHIYAGALOLUNYE

# Ukhisimusi Owenkululeko

UJesu waba ngumuntu ngoba okwakudingeka ngukuthi kufe umuntu ongaphezulu kokuba ngumuntu. Ukuthabatha kwakhe inyama kwakunguNkulunkulu ezibopha yena, okungathi uzigcina yena ngokwakhe egumbini labalindele isigwebo sentambo.

UJesu akazibekanga yena ngokwakhe engozini yokufa, wakukhetha ukufa, wakwamukela. Lokhu kuyinhloso yokuza kwakhe engazelanga '…***ukukhonzwa kepha ukukhonza, nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi***' [Marku 10:45].

Akumangazi ukuthi yini eyenza uSathane azame ukumvimba ukuthi angayi esiphambanweni - esehlane [Math. 4:1-11], nangamazwi aphuma emlonyeni kaPetru [Math. 16:21-23]! Isiphambano sasisho ukubhujiswa kukaSathane. UJesu wambhubhisa kanjani?

Umbhali wamaHeberu 2:14 uthi uSathane '*unamandla phezu kokufa*.' Lokhu kuchaza ukuthi uSathane uyakwazi ukwenza ukuthi ukufa kwesabeke. 'Amandla okufa' angamandla abamba abantu ngokukwesaba ukufa. Kungamandla okugcina abantu besesonweni, lokho okwenza ukufa kube yinto embi nesatshwayo kakhulu ngabantu.

Kodwa uSathane wephucwa lawomandla nguJesu. Wathatha zonke izikhali zakhe. Wasakhela isivikelo sesifuba esingukulunga esenza ukuthi sigomeke ekulahlweni nguSathane. Ukwenze kanjani lokho na?

Ngokufa kwakhe, uJesu wasusa zonke izono zethu. Umuntu ongenasono akakwazi ukulahlwa nguSathane. Njengoba sesixolelwe izono zethu, akusekho ukubhujiswa. Icebo likaSathane lalingukubhubhisa ukubusa kukaNkulunkulu ngokumangalela abalandeli bakaNkulunkulu enkantolo kaNkulunkulu. Kodwa manje, kuKristu, akusekho ukulahlwa. Kuchithiwe ukuvukela umbuso kukaSathane. Buvinjiwe ubuqili obukhulu bokudukisa umhlaba wonke. '*Ulaka lwakhe singalubekezelela, ngokuba, bheka, ukulahlwa kwakhe*

*kuqinisekile*.'[1] Isiphambano simehlulile. Uyophefumula okokugcina kungekudala.

UKhisimusi owenkululeko, inkululeko ekwesabeni ukufa.

UJesu wathatha imvelo yethu eBetlehema ukuze afe ukufa okwakumiselwe thina eJerusalema, ukuze singesabi ezindaweni esihlala kuzo namuhla. Kunjalo, singesabi, ngoba into ebivimbe intokozo yethu enkulu isisusiwe. Kungani kufanele sesabe izinto ezincane? Singasho kanjani ukuthi, 'Angikwesabi ukufa kodwa ngesaba izithutha, abantu abangasekho na?" Cha, cha. Cabanga!

Uma ukufa (ngikhuluma ngokufa fi!) singasakusabi, sikhululekile, futhi sikhululeke ngempela. Sikhululekile ukuthatha noma ibuphi ubungozi phansi komthunzi kwelanga ngenxa yothando lukaKristu. Asisezona izigqila zokukhathazeka. Uma iNdodana inikhulula, niyakuba ngabakhululekile impela!

1 Martin Luther, "A Mighty Fortress Is Our God," 1527–1529.


Usuku Lwamashumi Amabili

*INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.*

*1 KAJOHANE 3:8*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI

# Ubumbano LukaKhisimusi

Izisebenzi zikaSathane zikhiqiza izigidi-ngezigidi zezono. Zikwenza lokho usuku nosuku. Uyazihlanganisa azindizise ziye ezulwini afike azeneke phambi kukaNkulunkulu, bese uyoma insini.

Abanye abantu basebenza amashifu azo zonke izinsuku kulomsebenzi. Abanye bayashayisa kulomsebenzi kodwa babuye babuyele ngezikhathi ezithize.

Umzuzu nomzuzu eziwusebenzayo lezi zisebenzi zikaSathane, zipakisha izono zabantu, zenza uNkulunkulu abe yinhlekisa phambi kukaSathane. Isono siyimboni kaSathane ngoba uyakuzonda ukukhanya, ubuhle, ukuhlanzeka kanye nenkazimulo kaNkulunkulu. Ayikho into emthokozisa njengokubona izidalwa zingamethembi futhi zingamlaleli uMdali wazo.

Ngalokho-ke, uKhisimusi uyizindaba ezinhle kubantu

nakuNkulunkulu.

'***Likholekile leli zwi, lifanele impela ukwamukelwa ukuthi uKristu Jesu weza ezweni ukusindisa izoni, engingesikhulu kuzo***' [1 Thim. 1:15]. Lokhu kuyizindaba ezinhle kithi.

'***INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane***' [1 Joh. 3:8]. Nalokho futhi kuyizindaba ezinhle nakuNkulunkulu.

UKhisimusi uyizindaba ezinhle kuNkulunkulu ngoba uJesu weza ukuzohola isiteleka embonini lapho uSathane ekhiqiza khona izono. Uye khona ngqo kuleyomboni, wabiza ubumbano lwabathembekile, wababiza ukuthi bashiye phansi amathuluzi, baphumele ngaphandle, babhikishe.

UKhisimusi uyisimemo sokuyogxona itoyitoyi embonini ekhiqiza isono. Akekho okuyoxoxiswana naye, nabaphathi imbala ayingenwa indaba yabo. Akukho zingxoxo zokubonisana. Yinye into nomqondo okumiwe kuyo, futhi okungezuguqukwa kuyo. Ngeke sisaba yingxenye yokukhiqiza izono. Sekwanele!

Ubumbano lobuKristu ngoKhisimusi ngeke lubeke phansi izikhali ingakavalwa lemboni.

Mhlazane sanqotshwa isono kulapho igama

likaNkulunkulu liyokhululeka khona ngokuphelele. Akekho oyokwenziwa ihlaya ngaleso-sikhathi.

Uma ufisa ukunikeza isipho kuNkulunkulu kuloKhisimusi, phuma kulayini wokwenza isono futhi ungabe usabuyela emuva. Thatha indawo yakho utoyize emgqeni wabanothando. Hlanganyela nombuthano woKhisimusi lize lihlanzeke igama elikhulu likaNkulunkulu, njengoba emile enenkazimulo phakathi kwezixuku zabalungileyo ezitusa ubukhulu bakhe.


*Usuku Lwamashumi amabili*
*nanye*

*Wayesethi uPilatu kuye: 'Kanti nokho uyinkosi na?'*
*Waphendula wathi: 'Usho khona. Ngiyinkosi; ngizalelwe*
*lokho, ngafikela lokho ezweni ukuba ngifakazele iqiniso.*
*Bonke abeqiniso bayalizwa izwi lami.*

*NGOKUKAJOHANE 18:37*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI NANYE

# Ukuzalwa Komdala Wezinsuku

Nakuba uJohane 18:37 kuyivesi elingaveli ngasekuqaleni kwencwadi, kepha eliqhamuka ngasekupheleni kwempilo kaJesu emhlabeni, kepha yivesi elihle kakhulu elikhuluma ngoKhisimusiQaphela ukuthi uJesu akasho nje kuphela ukuthi wazalwa, kodwa uthi '***weza ezweni***.' Ukuzalwa kwakhe kukhethekile ngoba akaqalanga ukuba khona ngesikhatha azalwa ngaso. Kepha, wayekhona ngaphambi kokuthi azalelwe emkhombeni wezinkomo. Ubuntu bakhe, isimilo, kanye nesimo sobuntu bukaJesu waseNazaretha saba khona ngaphambi kokuthi umuntu uJesu Kristu azalwe.

IgamaelisetshenziswaizazizeBhayibhelingalemfihlakalo akukhona ukuthi *wadalwa*, kodwa lithi *wathabatha inyama*. Umuntu (hhayi umzimba) kodwa uBuntu obubalulekile bukaJesu, bubekhona ngaphambi kokuthi

azalwe abe ngumuntu. Ukuzalwa kwakhe kwakungekhona ukubakhona komuntu omusha nobengekho phambilini, kodwa kwakungukufika emhlabeni komuntu omdala, owayevele ekhona, okungekho isikhathi angazange abe khona ngaso. UMika 5:2, ubeka indaba ngalendlela, ekusho lokhu eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa ngaphambi kokuzalwa kukaKristu:

***'Kepha wena Betlehema Efratha,***
***omncane ukuba ube phakathi kwemindeni yakwaJuda,***
***ngiyakuphunyelwa ngovela kuwe,***
***ozakuba ngumbusi kwa-Israyeli,***
***okuvela kwakhe kusukela endulo ezinsukwini zaphakade.'***

Isimanga ngokuzalwa kukaJesu akusikona nje kuphela ukuthi wazalwa intombi engayazanga indoda. Umangaliso wenziwa nguNkulunkulu ngamabomu ngoba efuna ukuveza omkhulu kunalowo, ongukuthi, umntwana ozozalwa ngoKhisimusi ungumuntu owayevele ekhona '***kusukela endulo ezinsukwini zaphakade***.'

Ngenxa-ke yalokho, ukuzalwa kwakhe kwakunenhloso. Ngaphambi kokuthi azalwe, wacabanga ngokuzalwa

kwakhe, benza icebo noYise lokuzalwa kwakhe. Okunye okuyingxenye yalelo-cebo elikhulu wakukhuluma ngamahora okugcina empilo yakhe esesemhlabeni: '***ngizalelwe lokho, ngafikela lokho ezweni ukuba ngifakazele iqiniso. Bonke abeqiniso bayalizwa izwi lami***.' (Joh. 18:37).

Nguye uqobo lwakhe oyiqiniso elingunaphakade. Wayekhuluma okuyiqiniso kuphela. Wenza iqiniso lothando elingelinganiseke nalutho. Futhi uqoqela emndenini wakhe ophakade bonke abazelwe iqiniso. Leli kwakuyicebo elisuka ekuqaleni kwezinsuku.



*Usuku Lwamashumi amabili nambili*

*Izibonakaliso ezinye eziningi uJesu wazenza phambi kwabafundi bakhe, ezingalotshiwe kule ncwadi. Kodwa lezi zilotshiwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, nokuba nikholwe, nibe nokuphila egameni lakhe.*

*NGOKUKAJOHANE 20:30-31*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI NAMBILI

# Ukuze Nikholwe

Nginomuzwa oqinile wokuthi phakathi kwethu thina esakhulela emaBandleni esikwazi ukusho ngekhanda noma silele zonke izimfundiso ezinkulu zobuKristu, kanjalo nenkolo yabaPhostoli – kukhona okufanele senzelwe kona ukuze sivuseleleke ukumangala, ukwesaba, sikhungatheke ngeNdodana kaNkulunkulu, ezelwe yodwa nguYise kusuka emaphakadeni, ekhazimulayo ngenkazimulo kaNkulunkulu, ingumfanekiso kaYise, okudalwe ngayo konke, nephasile umhlaba wonke ngamandla ezwi layo.

Ungafunda zonke izinganekwane ezake zabhalwa, ufunde zonke zamanga zezimfihlakalo ezake zenzeka, zonke izindaba zezipoki, awusoze uthole lutho olumangazayo, nolungajwayelekile, noluxakayo noluhlaba umxhwele njengodaba lweNdodana kaNkulunkulu eyadela ubukhosi bayo ezulwini ukuze izoba ngumuntu.

Sife kangakanani! Nkulunkulu, silukhuni kanjani, imizwa yethu ife kanjani ukuthi singebone inkazimulo necebo lakho! Nkulunkulu, sekukaningi kufanele ngiphenduke ngithi, '*Nkulunkulu, ngiyaxolisa ukuthi izindaba ezenziwe ngabantu yizona ezinyakazisa imizwa yami, zingimangaze, zingenze ngizibuze imibuzo, ngizincome, zingithokozise, ngaphezulu kodaba lwakho oluyiqiniso*."

Mhlawumbe imidlalo kamabonakude yezinkanyezi yalezi zikhathi zethu ingasenzela okuhle: ingasithobisa futhi isilethe ekuphendukeni, ngokusikhombisa ukuthi siyakwazi ngempela ukumangala nokwethuka nokukhungatheka esingajwayele ukukuzwa lapho sibheka uNkulunkulu waphakade nenkazimulo kaKristu kanye nokuxhumana okukhona phakathi kwabo nathi kuJesu waseNazaretha.

Uma uJesu ethi, ***'ngafikela lokho ezweni'*** (Joh. 18:37), wayesho into engajwayelekile, ebukeka inomsangano, engawakhi umqondo njengazo zonke izinganekwane zobuchwepheshe besayensi osewake wafunda ngazo.

Kangive ngikukhulekela ukuthi kuqhamuke uMoya kaNkulunkulu phezu kwami naphezu kwakho, ukuthi uMoya oNgcwele wehlele empilweni yami ngendlela

esabekayo, ukungivuselela eqinisweni lobukhona bukaNkulunkulu ngendlela entsha, nengacabangekiyo.

Kolunye lwalezinsuku umbani uzogcwalisa isibhakabhaka kusuka ekuphumeni kwelanga kuye ekushoneni kwalo, bese kuyabonakala emafwini ezulu iNdodana yomuntu iqhamuka nezingelosi zayo ezinamandla ngomlilo ovutha amalangabi. Thina siyakumbona ngokucacileyo. Noma ngabe simbona sigcwele ukwesaba noma intokozo, siyoqhaqhazela futhi sizibuze ukuthi ngabe sasiphila kanjani isikhathi eside kangaka noKristu owumngani, nongenabungozi.

Lezi zinto zibhaliwe — lonke iBhayibheli lilotshiwe — ukuze sikholwe, ukuze simangale futhi sivuselwe isimanga, sokuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu eze emhlabeni.


*Usuku Lwamashumu Amabili*
*Nantathu*

*Ngokuba uma sathola ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe sise yizitha, ikakhulu siyakusindiswa ngokuphila kwayo sesitholile ukubuyisana; kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga futhi ngoNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu, esesamukelisiwe ngaye ukubuyisana.*

*KWABASEROMA 5:10-11*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI NANTATHU

# Isipho SikaNkulunkulu Esingachazeki

Ngabe sikuthola kanjani ukubuyisana nokuthokoza kuNkulunkulu na? Sikwenza ngoJesu Kristu. Okusho ukuthi, okungenani, sibona isithombe sikaJesu eBhayibhelini — okuwukuthi, umsebenzi namazwi akhe avezwe yiTestamente eliSha — kube yikona okubalulekile kokwethaba kwethu phezu kukaNkulunkulu. Ukuthokoza ngoNkulunkulu ngaphandle kokuqukethwe nguKristu akumhloniphi uKristu. Nalapho uKristu engahlonishwa khona, noNkulunkulu akahlonishwa.

Encwadini 2 KwabaseKorinte 4: 4-6 uPawulu uchaza uguquko ngezindlela ezimbili. Evesini lesine uthi ukuguquka kwenza sibone ***'inkazimulo kaKristu, ongumfanekiso kaNkulunkulu.' Kuvesi 6 athi kungukubona 'inkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaJesu Kristu.'*** Kunoma ikuphi wena qaphela iphuzu

alivezayo. SinoKristu, ongumfanekiso kaNkulunkulu, sibe noNkulunkulu ebusweni bukaKristu.

Ukuthokoza ngoNkulunkulu, sithokozela esikubonayo, nesimazi ngakho uNkulunkulu, kuvela ebusweni kuKristu Jesu. Futhi lokhu kwenzeka ngokugcwele lapho uthando lukaNkulunkulu luthululelwa ezinhlizweni zethu ngoMoya oNgcwele, njengoba kusho abaseRoma 5:5. Futhi lolothando olumtoti, olunikezwe kithi nguMoya kaNkulunkulu ukhulumisana nathi njengoba sizindla ngeqiniso elishiwo nguvesi 6, iqiniso elithi: ***'Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifanele.'***

Ngakho-ke nali iphuzu elimqoka ngoKhisimusi. UNkulunkulu akazange nje athenge kuphela ukubuyisana kwethu ngokufa kweNkosi uJesu Kristu [Rom. 5:10], nokuthi futhi uNkulunkulu akagcinanga nje kuphela ngokwenza lokho ukuze samukele lokho kubuyisana ngeNkosi uJesu Kristu, kodwa wenza nokuthi namanje sikwazi ukuthokoza ngoNkulunkulu uqobo, ngoKristu Jesu iNkosi yethu, sisizwa nguMoya oNgwele (Rom. 5:11).

*NguJesu owasithengela, wasizuzela ukubuyisana kwethu noNkulunkulu.* UJesu wasenza sakwazi ukwemukela ukubuyisana bese sikuvula njengesipho. UJesu uqobo

okhanya njengesipho sethu esingachazeki esivela kuNkulunkulu — uNkulunkulu esenyameni —uvusa yonke injabulo yethu kuNkulunkulu.

Bheka kuJesu kulo-Khisimusi. Yemukela ukubuyisana akuthengele kona. Musa ukubeka isipho eshalofini lakho ungasivulile. Akuthi lapho usivula, khumbula ukuthi uNkulunkulu uqobo lwakhe nguye oyisipho sokubuyisana noNkulunkulu.

Jabula kuye. Muzwe eyintokozo kuwe. Mazi njengengcebo yakho enkulu.


*Usuku Lwamashumi Amabili*
*Nane*

*Bantwanyana, maningadukiswa muntu; owenza ukulunga ulungile, njengokuba yena elungile; 8owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni. INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.*

*1 EKAJOHANE 3:7-8*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI NANE

# Izinhloso Ezimbili NgoKhisimusi

Uma incwadi 1 ekaJohane 3:8 ithi, ***'INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane'*** kungabe iyini ***'imisebenzi kaSathane'*** esemqondweni yombhali na? Impendulo icacile uma ulandela ingqikithi.

Kweka 1 Johane 3:5 sifunda ukuthi: ***'Senazi ukuthi yena wabonakaliswa ukuze asuse izono.'*** Isisho esithi ***wabonakaliswa*** siyavela futhi nasevesini lika-8. Manje-ke okungenzeka ngukuthi ***'imisebenzi kaSathane'*** uJesu ezela ukuzoyichitha yizono. Ingxenye yokuqala kavesi 8 ikwenza kucace lokho: ***'owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni.'***

Indaba okukhulunywa ngayo kulengqikithi *"ukwenza isono"*, akukhona ukugula noma izimoto ezifile noma izinhlelo ezingalungile. UJesu uze emhlabeni ukuzosenza sikwazi ukuyeka ukudla izono.

Sikubona ngokucacileyo lokhu uma sibeka leliqiniso eduze kwaleliqiniso eliku 1 kaJohane 2:1, elithi ***'Bantwana bami, nginilobela lokhu ukuba ningoni.'*** Lesi ngesinye sezizathu ezinqala zikaKhisimusi, esinye sezinhloso-ngqangi zokuthi uJesu athabathe inyama [1 Joh. 3:8].

Kepha kukhona esinye futhi isizathu esijotshelelwa nguJohane ku 1 ekaJohane 2:1-2, esithi ***'Kepha uma umuntu ona, sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo, yena uyinhlawulo ngezono zethu, kungengezethu zodwa kodwa nangezezwe lonke.'***

Manje bheka-ke ukuthi kusho ukuthini lokhu: kusho ukuthi uJesu wavela ezweni ngenxa yezizathu ezimbili. Weza ukuba singaqhubeki nokuxhafuza izono – okungukuthi, wezela ukuzoqeda imisebenzi kaSathane (1 Joh. 3:8). Okunye futhi akuzela ukuthi kube khona inhlawulo yesono uma kwenzeka sizenza izono. Weza ukuba azofa endaweni yezoni, kube nguye ongumnikelo osusa ulaka lukaNkulunkulu ngenxa yezono zethu.

Isithombe esikhulu salenhloso yesibili akukhona ukuphikisana nenhloso yokuqala. Ukuxolelwa akuhlosile ukuba kubhebhethekise ukona. Inhloso yokufa kukaKristu ngenxa yezono zethu akukhona ukuthi siyeke ukulwisana nesono. Kepha isithombe esikhulu salezi-zinhloso ezimbili

zikaKhisimusi zingukuthi, inkokhelo eyenziwa kwaba kanye ngenxa yezono zethu zonke, ibe yinkululeko namandla asenza sikwazi ukulwa nesono. Kepha bangalokothi bakwenze lokho njengabantu ababambelele emthethweni nabazama ukuzizuzela insindiso ngemisebenzi yabo emihle. Noma beqhutshwa yitwetwe lokwesaba ukulahlekelwa insindiso yabo. Kepha bakwenze lokho njengabanqobi abazijikijela empini nesono ngeqholo nangentokozo, noma ngabe lokho kusibiza ukulahlekelwa yizimpilo zethu imbala.



*Usuku Lwamashumi amabili nanhlanu*

*Bantwana bami, nginilobela lokhu ukuba ningoni. Kepha uma umuntu ona, sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo; yena uyinhlawulo ngezono zethu, kungengezethu zodwa kodwa nangezezwe lonke… Bantwanyana, maningadukiswa muntu; owenza ukulunga ulungile, njengokuba yena elungile; owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni. INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.*

*1 KAJOHANE 2:1-2, 3:7-8*

USUKU LWAMASHUMI AMABILI NANHLANU

# Izipho Ezintathu ZikaKhisimusi

Ake udlinze kanye nami ngalesisimo esimangalisayo. Uma iNdodana kaNkulunkulu yeza ukuzosiza wena ukuthi uyeke ukudla izono – ukuzochitha imisebenzi kaSathane – nokuthi futhi uma kwenzeke wadla izono, kube khona inhlawulo, ezosusa ulaka lukaNkulunkulu phezu kwakho, ngabe lokho kunayiphi yona imibandela maqondana nendlela okufanele uphile ngayo?

Lokhu kusho izinto ezintathu, futhi kuyamangalisa ukuba nazo lezi zinto. Ngikunikeza zona kafushane njengezipho engikupha zona kuloKhisimusi.

## *Isipho sokuqala: Inhloso Ecacile Yokuphila*

Umbandela wokuqala ngowokuthi kufanele ube nenhloso ecacile yokuphila. Uma sikubeka ngendlela embi, lokho

kusho ukuthi: hlukana nokudla izono – yeka ukwenza izinto ezibukela phansi uNkulunkulu. '***Nginilobela lokhu ukuba ningoni***' [1 Joh. 2:1]. '***INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane***" (1 Joh. 3:8).

Uma ubuza ukuthi lokhu ngingakusho yini ngendlela ethandekayo, kunokuba ngikusho ngendlela engathandeki? Ngingathi 'Yebo. Kubekwe ngokufingqiwe ku 1 ekaJohane 3:23, lapho okufingqwe khona konke okudingwa incwadi kaJohane. Qaphela 'umyalo' osebunyeni, '***Yilo umyalo wakhe ukuba sikholwe egameni leNdodana yakhe uJesu Kristu, sithandane, njengokuba asinika umyalo***.' Lezi zinto ezimbili zinokuxhumana ngokubona kukaJohane njengoba ezibhanqa ngokuthi ziwumyalo owodwa: kholwani nguJesu bese niyathandana. Ileyo inhloso yomuntu ongumKristu, neyenza impilo ibe ngeyobuKristu. Methembe uJesu, uthande abantu ngendlela uJesu nabaphostoli bakhe abasifundise ngayo ukuthanda. Themba uJesu bese uthanda abantu. Naso-ke isipho sami sokuqala, esiyinhloso yokuphila.

## *Isipho sesibili: Ukwethemba Ukuthi Ukwehluleka Kwethu Kuzothethelelwa*

Umbandela wesibili okulamaqiniso afana namawele okuthi uKristu wezela ukuzobulala ukona kwethu aphinde

154

USUKU25

asithethelele izono, yilona othi: Siba nenqubekela phambili ekunqobeni isono uma sinethemba lokuthi ukwehluleka kwethu kuzothethelelwa. Uma lingekho kuwe ithemba elinjalo lokuthi uNkulunkulu uzokuthethelela ukwehluleka kwakho, uzothi usaqala ukulwa nesono, kuzothi kungakapholi maseko ubonakale sewuphonsa ithawula.

Iningi seliqalile ukuzindla ngezinguquko elifuna ukuzenza ngonyaka ozayo, ngoba zikhona izihibe nogibe lwesono elingene kulo kulonyaka, futhi elingasafuni ukuthi libambeke kulo nangonyaka ozayo. Cishe ufuna izindlela ezintsha zokudla, zokuzithokozisa, zokunikela, zokuxhumana nalowo oshade naye, zokukhuleka ndawonye nabomndeni wakho, zokulala, zokuzivoca-voca, nezokufakaza ngoJesu ngesibindi. Kodwa uyehluleka, sewuqala nokuzibuza ukuthi kunasidingo sini. Nasi-ke isipho sesibili sikaKhisimusi engikupha sona: UKristu

akazelanga nje kuphela ukuzobhubhisa imisebenzi kaSathane, nokona kwethu; waphinde futhi wezela ukuzoba nguMmeli wethu ngenxa yokwahluleka empini esibhekene nayo.

Ngakho-ke ngiyanincenga, thola ithemba lokuqhubeka nokulwa, ukwenze lokho unolwazi lokuthi ukwehluleka kwakho akukhona okunezwi lokugcina. Kodwa uqaphele! Ungagcini usuphendula umusa uwenze imvume yokona, ugcine usuthi, "*uma ngahluleka akunankinga, pho manje ngizihluphelani ngokulwa nesono*?" Uma usho njalo, futhi ukusho lokho ukuqondile, bese uqhubeka uyokwenza isono, kungenzeka ukuthi awuzelwe kabusha, kufanele kukuthuthumelise-ke lokho.

Kodwa abaningi benu abekho lapho. Abaningi benu bafuna ukulwa nezindlela zesono ezimpilweni zabo. UNkulunkulu akushoyo kuwe onjalo yilokhu: makuthi ukwembeswa ngoKristu ekwahlulekeni kwenu kuninike ithemba lokuqhubeka nilwe. '***Nginilobela lokhu ukuba ningoni. Kepha uma umuntu ona, sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo.'***

## *Isipho Sesithathu: UKristu Uzosisiza*

Umbandela wesithathu nowokugcina walamaqiniso angamawele okuthi uKristu weza ukuzobulala ukona kwethu aphinde asixolele izono zethu ilona: UKristu uzosisiza ngempela kulempi yethu. Uzokusiza ngempela. UKristu ungasohlangothini lwakho kulempi. Akazelanga ukuzobhubhisa isono ngoba isono sithokozisa. Wezela ukuzobulala isono ngoba isono sibulala. Singumsebenzi okhohlisayo womkhohlisi, futhi sizosibulala uma singalwi naso. Weza ukuzosisiza, akazelanga ukuzosilimaza.

Ngakho-ke nasi isipho sesithathu sikaKhisimusi: UKristu uzokusiza ukuze unqobe isono. Encwadini 1 ekaJohane 4:4 '…***okini mkhulu kunaye osezweni***.' UJesu uyaphila, unguMninimandla onke, uJesu uhlala kithi ngokukholwa. UJesu ungakithi, akamelene nathi. Uzokusiza empini yakho nesono onyakeni omusha. Methembe.


Isiphetho

ISIPHETHO

# Incwadi Engiyithandayo Emayelana NoKhisimusi

Amavesi kaKhisimusi engiwathandayo abeka ukuthobeka njengommongo wosuku lukaKhisimusi. Ngakho-ke kuloKhisimusi ngimangaliswa ukuthobeka kukaJesu engikudingayo nami. Ngizowacaphuna lamavesi emva kwesikhashana.

Kodwa okokuqala kunezinkinga ezimbili. UTim Keller uyasisiza ukuthi sibone enye yalezinkinga uma ethi, "*ukuthobeka kunamahloni kabi, uma uke waqala ukukhuluma ngakho kuyabaleka*". Manje ukubhala kafushane ngokuthobeka, kubonakala kuyinto eyibulalayo inhloso uma sewukhuluma ngako. Kodwa nabantu abanamahloni bayakhululeka masinyane uma bephathwa kahle.

Enye inkinga ukuthi inhloso yokuthobeka kukaJesu ayifani neyethu. Manje-ke kungasisiza kanjani ukubheka

ukuthobeka kukaJesu ngoKhisimusi na? Ukuthobeka kwethu, uma kukhona, kuncike ekutheni thina sinomkhawulo, siyizehluleki, futhi siyizoni. Kodwa iNdodana ephakade kaNkulunkulu kayinamkhawulo, kayehluleki, futhi ayinasono. Manje-ke ukuthobeka kwayo akufani nokwethu, ukuthobeka kukaJesu kuqhamuka ngendlela eyahlukile kuno-kwethu.

Nanka amavesi engiwathandayo kaKhisimusi, esizobona kuwo ukuzithoba kukaKristu:

***Owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu, kepha wazidela ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso wabantu; wathi efunyenwe enjengomuntu ngesimilo, wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano.***

[KwabaseFiliphu 2:6-8]

Okuchaza ukuzithoba kukaJesu yileli-qiniso lokuthi wakwenza ngenhloso ukuzenza abe phansi, athathe indawo yenceku ukuze asize abanye. Ukuzithoba kwakhe kuchazwa yimishwana enjengalena:

'Wazidela [wadela amalungelo akhe obuNkulunkulu amenza angakwazi ukuhlushwa nokuhlupheka]'
'Ethabatha isimo senceku.'
'Wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano.'

Manje-ke ukuzithoba kukaJesu kwakungavezi isimo senhliziyo nobuyena njengongenomkhawulo, okuhlulekayo noma onesono. Kwakuyinhliziyo yokungabi namkhawuko ngokuphelele, nokungahluleki eqinisweni kanye nenkululeko kuzona zonke izono, okwaba yizizathu zokuthi angadingi ukukhonzwa, ngoba wayekhululekile futhi egcwele ukukhonza.

Elinye ivesi likaKhisimusi elisho lokhu nguMarku 10:45, '***Ngokuba nayo iNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi***.' Ukuzithoba kukaJesu kwakungekhona ngoba ayenesici esasikuye, kodwa wayefuna ukunikela nganakho vele, ukuze kusizakale abanye. Wazithobisa ngokuzikhethela ngoba enzela ukuba ubude benkazimulo yakhe bufinyelele ezonini ukuze ziyithokozele.

UJesu wenza ukuxhumana phakathi kokuzithoba

kukaKhisimusi wakhe kanye nezindaba ezinhle eziza kithi: '***Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula***' [Math. 11:28-30].

Ukuzithoba kwakhe kuletha inkululeko ezinkathazweni esizithwele. Ukube wayengazithobisanga, wayengeke akwazi '***ukuzithoba kuze kube sekufeni, ekufeni kwesiphambano***.' Uma ayengalalelanga ukuze agcine esefe endaweni yethu, sasizogcindezelwa isisindo sezono zethu. Wazehlisa ukuze athathe ukulahlwa nehlazo lethu (Rom. 8:3).

Manje sesinesizathu esikhulu sokuzithoba kunakuqala. Thina sinomkhawulo, siyehluleka, sinezono, ngakhoke asikwazi ukuma sizibonge. Kodwa manje sibona ezinye izinto ezisithobisayo: insindiso yethu ayizanga ngemisebenzi yethu, kodwa ngomusa wakhe. Ngakho-ke akukho ukuzibonga (Ef. 2:8-9). Futhi nendlela asitholele ngayo lensindiso engumusa kwaba ngendlela yokuzinikela, ukuzehlisa ngenhloso njengenceku elalelayo, kuze kube sekufeni emthini wehlazo.

Manje-ke, ngaphezulu kokuba nemikhawulo, nokuhluleka kanye nokuba nezono, sinezinto ezimbili ezinkulu ezisithobisayo: umusa omahhala esingawufanele oletha zonke izibusiso zethu, kanye nesibonelo sokuzidela, isisebenzi esinikela ngakho konke, sigcine ngokuthatha isimo senceku.

Nathi sibizelwe ukulandela uJesu ngokuzithoba nangokuba yizinceku. '***Kepha yilowo nalowo oziphakamisayo uzakuthothiswa, nalowo ozithobayo uzakuphakanyiswa***' [Math. 23:12]. '***Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKristu uJesu***...' [Fil. 2:5].

Nathi ake siwakhulekele lawa '*mahloni ayinkambo enhle*' – lenkambo okuyiyo kanye eyisisekelo sensindiso nokuba yizisebenzi kwethu - ukuthi engathi ibingaphuma endaweni ecashile, isembathise izembatho zokuthobeka kulezi-zinsuku esilindele ngazo ukuza kweNkosi. '***Ngokunjalo, nina basha, thobelani amalunga; kepha nonke yembathani ukuthobeka, nithobelane, ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa***' [1 Pet. 5:5].



*Isithasiselo*

ISITHASISELO

# Izithombe ZeThestamente Elidala Kanye Nokuza KukaKristu

Elinye lamaphuzu abalulekile encwadini yamaHeberu ukuveza ukuthi indlela yesivumelwano esidala yaba isithunzi esigcwaliswa ngokufika kukaKristu. Manje-ke, uKhisimusi ugcwalisa izithunzi ngalokhu okuyiqiniso ngazo. (Ungakubona lokhu kumaHeberu 8:5, lapho kuthi khona abapristi, '***bekhonza okungumfanekiso nesithunzi sokwasezulwini***.') Ake sibheke izithunzi eziyisithupha eziphelelisiwa ngukufika kukaKristu.

1. Isithunzi sobupristi besivumelwano esidala.

   Abapristi abangaphambili babebaningi ngokwenani, ngoba babevinjwa ukufa ukuba baqhubeke kulelihhovisi, *kodwa yena ubuPristi bumi phakade*, ngoba yena umi phakade. (Heb. 7:23-24)

2. Isithunzi somnikelo wePhasika

   Khiphani imvubelo endala ukuze nibe yinhlama entsha, njengalokhu ningabangenamvubelo. Ngokuba nelethu iphasika lihlatshiwe, elinguKristu. (1 Kor. 5:7)

3. Isithunzi setabernakele nethempeli

   Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinomPristi oMkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini, isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela, elamiswa yiNkosi kungemuntu. (Heb. 8:1-2)

   ***UJesu waphendula, wathi kubo: 'Bhidlizani leli thempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu.' Ngakho bathi abaJuda: "Leli thempeli kwaba yiminyaka engamashumi amane nesithupha lakhiwa, wena-ke uzakulivusa ngezinsuku ezintathu na?" Kepha wayekhuluma ngethempeli lomzimba wakhe.***
   (Joh. 2:19-21)

4. Isithunzi Sokusoka

   *Ukusoka akulutho*, nokungasoki akulutho, kuphela ukugcina imiyalo kaNkulunkulu. (1 Kor. 7:19)

5. Isithunzi semithetho yokudla

   ***Wayesethi kubo: "Kanti nani ningabangaqondiyo na? Aniqondi yini ukuthi konke okungaphandle okungena kumuntu kungemngcolise na? Ngokuba akungeni enhliziyweni yakhe, kodwa kungena esiswini, kuphumele ngaphandle, kuhlambulula ukudla konke."*** (Ngalawo-mazwi, *wayegcwalisa ukuthi konke ukudla kuhlanzekile* – Mark 7:18-19).

6. Isithunzi sokugcinwa kwezinsuku zemikhosi

   ***Ngakho makungabikho muntu onilahla ngokudla nesiphuzo, noma ngemikhosi, noma ukwethwasa kwenyanga, noma amasabatha, okuyisithunzi nje salokhu obekuzakuza; kepha umzimba ngokaKristu.*** (Kol.2:16-17)

Incazelo yoKhisimusi ngukuthi okuyikho kungokukaKristu. Okusho ukuthi, imikhuba yokukholwa ifana nesithunzi somuntu omkhulu, okhazimulayo. Asehlukane namathunzi, sibuyele kumuntu, simbheke yena ebusweni (2 Kor. 4:6). ***Bantwanyana, zilindeni ezithombeni.*** (1 Joh. 5:21).

Wonke umuntu ufuna ukujabula. Lenkundla yethu yasungulwa, yenzelwa ukuthi abantu bajabule. Sifuna ukuthi abantu ezindaweni zonke baqonde futhi baligonathe iqiniso lokuthi *uNkulunkulu ukhazimusileka ngokuphelele kithi, uma thina senelisekile ngokuphelele kuye.* Esikwenzile lapha ukuqokelela ndawonye yonke imisebenzi kaMfundisi uJohn Piper, ebhaliwe nekhulunyiwe, ayenza eminyakeni engaphezulu kwamashumi amathathu edlule, kanye nezihumusho zayo ezilimini ezingaphezulu kwamashumi amane. Nemisebenzi yakhe emisha siyasakaza nayo nsuku zonke, ebhaliwe neqoshiwe, ukuze ikusize uthole iqiniso, inhloso ngempilo, nokweneliseka okungapheliyo. Konke lokhu uyakwazi ukufinyelela kukho ngesihle. Sibonga isihe salabo abanikelayo ngenxa yokubusiswa yilemitapo, ukuze igcine seyifinyelele kwabaningi ngaphandle kwenkokhelo.

Ngakho-ke, uma nawe udinga izinsiza ezizokusiza uthole injabulo okuyiyona-yona, noma ufuna ulwazi olwengeziwe

ngomsebenzi wethu kwa-Desiring God, sicela ungene enkundleni yethu yokuxhumana, lapho ozozitholela khona wonke lomcebo, ku: desiringGod.org